# *UMGAMANXO WESIKHATHI*

Ngifuna abaqophayo ukuba babambe lokhu umzuzwana nje ngaphambi kokuba niqophe, uma nithanda. Futhi sanibonani, bangane. Ngethemba ukuthi wonke umuntu uzizwa ngempela . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

2 Sicula elethu elokunikela elijwayelekile, *Bangen'seni*, wonke umuntu ndawonye manje, "Lethani abancinyane."

> Bangen'seni, bangen'seni,
> Bangen'seni baphume emasimini esono;
> Bangen'seni, bangen'seni,
> Lethani abancinyane kuJesu.

3 Amen. Anicabangi ukuthi kukhona okumnandi ngempela ngengane endadlana na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Umfo omncane, lawomehlo amancane, amehlo akhanyayo engibuka. Futhi kukhona okuthize ngabo okungokwangempela, okumnandi ngempela. Futhi bangabafo abancane abangenacala, abazi lutho ngezinto zezwe. UNkulunkulu abanikezelile.

4 Futhi, niyazi, kukhona okuthize ngomntwana, ekhaya, okubopha ikhaya ndawonye. Kukhona ukubopha, mayelana nomntwana. Manje, ngifisa sengathi besinesikhathi esiningi sokukhuluma nga—ngalezozinto, ngabancinyane, nangezinto ezehlukene. Kodwa thina, isikhathi sethu, sicindezela kanzima ngesikhathi.

5 Futhi sifanele siqonde ngqo eZwini manje. Kulungile, kwabaqophayo, uma befisa ukuqopha umlayezo kulokhu ukusa. Futhi kwangathi uNkulunkulu angabusisa ngokucebile wonke umuntu.

6 Manje, namuhla, ngicabanga ukuthi akukho okufana neZwi, ukufundwa kweZwi likaNkulunkulu. Ngifisa sengathi ngabe bekukulo lonke ikhaya, lapho iZwi likaNkulunkulu beliyofundwa khona. Futhi ngifuna ngamunye wenu, kulokhu ukusa, uma ningakwazi, ngisho nalapho abancinyane bevela emagumbini abo kaSonto sikole, ukuba bahloniphe ngokuzithoba impela njengokunokwenzeka. Hlalani nithule, futhi nilalele njengoba ngizama, ngosizo lukaNkulunkulu, ukwethula uMlayezo engiwunikeziwe emahoreni aleyithi izolo ebusuku, ebandla namhlanje.

7 Manje, ukufundwa komBhalo wethu kutholakala kuJoweli 2, neZenzo 2, uJoweli 2:28. EZenzweni, siqala kwese 2:15. Akumangazi, ukuthi kanjani lo mprofethi, ekhuluma, isahluko se 2 sikaJoweli, nesahluko se 2 seZenzo, "imvula yokuqala neyamuva," UJoweli wakhuluma ngayo kulesisahluko esifanayo!

Ngokukhuluma eZenzweni, isahluko se 2, ivesi le 15, futhi kwehlele engxenyeni yomBhalo, sifunda lokhu.

> *Ngokuba laba kabadakiwe, njengokucabanga kwenu, lokhu kuseyihora lesithathu lemini.*
>
> *Kodwa lokhu kuyikho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli;*
>
> *Kuyakuthi ezinsukwini zokuphela, kusho uNkulunkulu, ngiyakuthulula uMoya wami phezu kwayo yonke inyama:. . . amadodana enu namadodakazi enu ayakuprofetha, . . . izinsizwa zenu zibone imibono, futhi* e*. . . abadala baphuphe amaphupho:*
>
> *Naphezu kwezinceku zami naphezu nezincekukazi zami ngiyakuthulula uMoya wami ngaleyomihla; ziyakuprofetha:*
>
> *Ngiyaku*khombisa *izimangaliso e*mazulwini *phezulu, nezibonakaliso emhlabeni phansi; igazi, nomlilo, nokuthunqa komusi;*
>
> *Ilanga liyakuphenduka ubumnyama, nenyanga ibe-yigazi, lungakafiki usuku olukhulu noluqhamileyo lweNkosi:*
>
> *Kuyakuthi, yilowo nalowo obiza* phezu *kwegama leNkosi uyakusindiswa.*

Singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko.

8 Baba wethu waseZulwini, onomusa, njengeshidi elikhulu elinqamule kulesisakhiwo kulokhukusa, lonke ikhanda lehlela othulini lomhlaba. Ngokuzithoba sikhothamisa amakhanda ethu nezinhliziyo zethu, eBukhoneni baKho. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi uMoya oNgcwele uzofika manje, ungene eZwini, futhi uLethule kuyo yonke inhliziyo njengoba nje Linendawo, nendawo yokuhlala. Kwangathi Lingathela ngekhulu. Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi abangakholwayo, namhlanje, bangahle babe ngamakholwa. Futhi ukuthi amaKristu azothatha ukubamba okusha, labo abakhandlekile endleleni. Kwangathi abangcwele bangakhuthazeka, futhi kwangathi abagulayo bangaphulukiswa. Khuluma, Baba. Futhi sengathi singahlanganyela eZwini laKho khona manje nje, Ngokuba sikucela eGameni leNdodana kaNkulunkulu ethandekayo, uJesu Kristu. Amen.

9 Indaba yami, kulokhu ukusa, uma singayibiza kanjalo, kuzoba umlayezo ebandleni, ngukuthi: *Umgamanxo Wesikhathi*.

10 Futhi njalo, ezinsukwini ezedlule, izimiso zesikhathi bezihlala njalo zifika esiphethweni sazo, futhi sishaya u—umgamanxo. Kunemigamanxo emgwaqeni omkhulu.

Kunemigamanxo emigwaqweni esiyihambayo kulelizwe. Kukhona umgamanxo kulomgwaqo omkhulu omdala omuhle oya eNkazimulweni.

11 Futhi, njalo, kuthatha okumangalisayo ukukhuluma ngamandla onke. Amandla onke yiwo onke amandla, futhi kuthatha okumangalisayo ukuqinisekisa amandla onke. Futhi okumangalisayo kuphela okungenza lokho. Ukufundisa iZwi kuyinto enhle kakhulu, nathi . . . kuyafika, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, nokuzwa iZwi," kodwa njalo kuthatha okumangalisayo ukuqinisekisa ukuthi onamandla onke usaphila futhi uyabusa. Sifanele sibe nokumangalisayo. Futhi ngikholwa ukuthi iBandla manje limi embundwini wokuqinisekisa okukhulu kunakho konke kwamandla onke izwe elake lawazi. Okube khona . . .

12 Ekuhloleni kwami umBhalo, isikhashana impela, ngithole imigamanxo emkhulu eyisikhombisa eZwini likaNkulunkulu. Futhi isikhombisa yinombolo ephelele kaNkulunkulu. Thina . . . Yena—Yena uphelelisa esikhombiseni. Wasebenza izinsuku eziyisithupha, futhi, ngolwesikhombisa, waphumula. Izwe likhona ekubuseni kwalo phezu komhlaba lapha, iBandla lisebenza iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha, owesikhombisa yisikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Futhi zonke lezizibalo (futhi) zeBhayibheli ziphelele.

13 Futhi uNkulunkulu uhlala engesikhathi. Ngezinye izikhathi sileyithi kancanyanyana, noma (kancane) sicabanga okwehlukile kancane, kodwa lokho kwenzelwe inhloso. Kodwa uNkulunkulu uhlala engesikhathi noMlayezo waKhe.

14 Futhi ngakho-ke, namhlanje, ngikholwa ukuthi sibhekene nento enkulu iBandla okufanele liyazi futhi liyiqonde, ukuthi sifanele sazi ukuthi konke lokhu kumayelana nani, futhi sikuthole eZwini likaNkulunkulu. Ngokuba ngiyakholwa, ukuthi, uma—uma kungekho eZwini, nginokukungabaza kancane ngakho. Kodwa uma iZwi likaNkulunkulu likhuluma ngakho, khona-ke uNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi kungase kubonakale kungenandaba kangakanani esikweni lethu lokufundisa, nguNkulunkulu esebenza iZwi laKhe. Izikhathi eziningi, kuphambene nendlela yethu yokucabanga, noma mhlawumbe indlela esifundiswe ngayo ukucabanga, kodwa sifanele siqonde amandla onke kaNkulunkulu uma enziwa phambi kwethu.

15 Manje asibuyele emuva isikhashana, emiqondweni yethu, futhi sitadishe, imizuzu embalwa nje, eminyakeni embalwa edlule obekwenzeka. Ngiyakholwa, njengomfundisi weVangeli, ukuthi siphila nje ekusondeleni kokubonakala, kwesibili, kokuFika kweNkosi uJesu; ukubuya kwesibili . . . noma ukuFika kwesiBili. Isikhathi sokuqala, Wafika njengengane. Ngalesisikhathi, Ufika njengeNkosi yeNkazimulo,

ukuzophindisela kubo bonke abangalilaleli iZwi likaNkulunkulu.

16 Futhi siyakholwa, ngaso sonke lesisiyaluyalu esikhulu esiphila kuso, namuhla, njengoba siqalaza kuzo zonke izandla, futhi sicosha amaphephandaba, futhi nje sime sithule, futhi sehlise ukuwalazela nokukhwishizela kwethu kwansuku zonke kwalonyaka wokuguliswa yimizwa, futhi sibheke futhi sibhekane namaqiniso, siyabona, ngaphandle kwanoma yisiphi isithunzi sokungabaza, ukuthi kukhona okuzokwenzeka nje.

17 Futhi ngikholwa ukuthi uNkulunkulu, akakaze, nganoma yisiphi isikhathi, akukho okumangalisayo, noma akukho okwake kwenzeka, ngaphandle uma uNkulunkulu akubikezela ngeZwi laKhe. Wakwembula, wakubeka, ukuze amadoda ahlulekayo ukuhamba kukho, angakwazi. . . ayofanele ame phambi kwaKhe, futhi ayofanele abe. . . ame ngaphandle kwezaba, ngoba uNkulunkulu ukwenza kucace kakhulu. Ukuthi, uma umuntu ekukhathalele ngokwenele, yena uzokuthola, uma wena ukukhathalele.

18 Ubungeke udle isobho elinempukane. Qhabo, mnumzane. U—ubungeke. Ubungeke ube. . . Ubungesaba ukudla ukudla obekungabukeki kahle nje, futhi bekonakele. Ngoba, uyazi, kungase kukunike ubuthi obuvela ekudleni okonakele noma okuthize, futhi bekungakubulala kwesincanyana. Futhi uyaqaphela ngalomzimba. Kodwa, lowomphefumulo, uwuyeka uzitike ngezinto zezwe, owaziyo ukuthi konakele futhi kungenza into eyodwa kuphela, kukuyise ekubhujisweni. Akunandaba ukuthi uwuphatha kahle kanjani lomzimba, nokuthi kuhle kanjani ukudla, noma ukuthi wona uphila kanjani, ufanele wona uye othulini lomhlaba. Kodwa lowomphefumulo uyophila phakade, ndawondawo. Ngingamane ngidle isobho elonakele kunokonakalisa umphefumulo wami ngezinto zezwe, noma ngasiphi isikhathi.

19 Umgamanxo! UNkulunkulu, njalo, ngaphambi kokuba kufike lemigamanxo emikhulu, noma ukuphela kwesikhathi, lapho Eqala khona into entsha, ugamanxa nokudala, kuya kokusha, nesimiselo sesikhathi esisodwa kuya kwesinye, Yena uhlala njalo ekhombisa aMandla aKhe. Umuntu, kudabule eminyakeni, uhlale ebhidliza, futhi afundise asuse, futhi achaze asuke, futhi asuke kuNkulunkulu wangempela ophilayo. Kodwa, ngaphambi nje kokuba Agamanxise futhi angene esimiselweni sesikhathi esisha, Ubonakala enkundleni, ngezibonakaliso nezimangaliso ezinkulu ezimanga. Ubehlala ekwenza.

20 Bukani ekubhujisweni kokuqala komhlaba, ukumgamanxo wokuqala. Ngemuva kokudalwa kwezwe, futhi uNkulunkulu wabeka umuntu emhlabeni, iBhayibheli lathi baqala ukwakha imizi, izinhlelo ezinkulu zokwakha zaqhubeka ezweni.

21 Kubukeni namuhla. UJesu ngokusobala wathi, "Njengoba kwenzeka ngezinsuku zikaNowa, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu." Into efanayo.

22 Niyaqaphela, babethole indlela yokusebenza ngethusi. Babethole indlela yokusebenza ngethusi, nangensimbi, ngaphambi nje kokubhujiswa komhlaba ngozamcolo.

23 Bukani usuku esiphila kulo manje, ukuthi kanjani ukwakha! Bathi, "Abantu banda ebusweni bomhlaba." Qalazani kwelethu . . . ngisho nedolobha lakithi elincane, futhi qhathanisani lelidolobha elincane, eminyakeni embalwa edlule, lezinkulungwane eziyishumi nane, manje cishe izinkulungwane ezingamashumi amabili nesikhombisa noma ngaphezulu. Ngisho nawe angeke uyithole indawo enkulu ngokwenele ukuzingela onogwaja, nhlobo. Konke kuwuhlelo lwakwakha izindlu. Kunjalo. Ukwakha! Ukwanda! Ukuphindaphindeka!

24 Futhi Wathi, "Lapho beqala ukwanda, khona-ke isono nobubi buyangena." Leso esinye sezigxobo zezimpawu esikhulu, ukuthi sisekupheleni komgwaqo; esinye sezibonakaliso ezinkulu.

25 Qaphelani, ngalesosikhathi, kwakukhona indoda egama linguNimrode, eyaphuma futhi yakha umuzi omkhulu waseBabiloni, futhi bahlangana kuyo yonke imizi ezungezile, ukuthi yonke iyohlangana ndawonye. Futhi kuyoba khona umuzi omkhulu owodwa, futhi lowo kuyoba yiBabiloni. Futhi ukuthi uNkulunkulu wawudelela kanjani lowo mfelandawonye wohlelo lwezwe!

26 Kubukeni namhlanje, into efanayo. Imifelandawonye yezabasebenzi, indoda ezibophezela ndawonye ngezinyunyana nange—ngezibopho ezahlukene, nangehlelo lebandla. Libathandela bonke ndawonye, lidiliza isithiyo, lidiliza i—inhlanganyelo phakathi kwabazalwane abehlukene. Umfelandawonye, esinye sezibonakaliso ezinkulu uNkulunkulu asinikezayo ekubhujisweni kokuqala, sikubona kubonakala lapha ekubhujisweni kokugcina. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Qaphelani.

27 Futhi enye into ayenza emuva lapho, siyayiqaphela ngesikhathi salesiyaluyalu esikhulu, lapho izinhliziyo zabantu ziqala ukwanda ukubanda futhi ziqhela kuNkulunkulu, abesifazane baba njengesithixo. "Lapho amadodana kaNkulunkulu ebona amadodakazi abantu, ukuthi ayemahle—mahle," kwaba uhlelo lwezocansi.

28 Kubukeni namhlanje, lokho esiphila kukho. (Kungesikho ukukhuluma ngokumelene nabesifazane abahloniphekile. Qhabo, mnumzane. Bangamathuluzi kaNkulunkulu.) Kodwa labo abangazikhathalele qobo lwabo; kanjani ukuthi kunabaningi kakhulu ohlangothi oluphikisayo, behambahamba, "beganwa, bendiswa." UNkulunkulu washo

njalo, eBhayibhelini. UJesu wathi, "Ngaphambi kwesikhathi sikaNowa," ekupheleni, "babeganwa futhi bendiswa." Sikanjani isiyaluyalu esikhulu ezweni namuhla! Futhi siyakuqonda lokho. Futhi into eyodwa eyabangela lokho, iBhayibheli lathi imimoya (imimoya emikhulu) yehla, imimoya emibi, futhi yangena kulababantu futhi yenza lezizinto. Futhi sibona imimoya emibi efanayo isebenza osukwini lwethu.

29 Futhi manje qaphelani futhi, lokho, hhayi lokho kuphela. Lapho sonke isihogo sikhululiwe, lonke iZulu likhululiwe, futhi. Uma isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uphakamisa ibhanela ngokumelana naso. Futhi lawa mandla amabili ahlala ekhonjiswe emgamanxweni.

30 Manje, njengoba sibona ukuthi isikhathi uNimrode ayehlanganise yonke imifelandawonye, futhi wenza bonke abantu ukuba beze eBabiloni futhi beza ku lo mfelandawonye omkhulu, nesikhathi sabo bonke ububi buqhubeka phakathi kwabesifazane, ngokocansi, nokunye nokunye; ngesikhathi esifanayo, uNkulunkulu wayenofakazi emhlabeni: u-Enoke, owahamba noNkulunkulu, engenasici. Futhi ngesikhathi esifanayo lobobubi babubonakala, izingelosi zabonakala emhlabeni. Izidalwa eziyiziNgelosi zangena kumuntu.

31 Uhlobo oluhle kakhulu lwanamuhla, futhi. Njengoba ububi bubonakala, kanjalo nokuhle kuyabonakala.

32 Futhi qaphelani emuva lapho ngalolosuku olubi, ngaphambi nje kokubhujiswa, ngenkathi uNkulunkulu wayenomuntu ngaphandle eshumayela iVangeli, umuntu ompofu, umuntu othobekile, ongeyena kakhulu owezwe, kodwa umuntu owayenenhliziyo yokulalela uNkulunkulu; uNowa. Kwakukhona uNowa no-Enoke, beshumayela, ngesikhathi esifanayo.

33 Futhi uma uqaphela, ngale eSambulweni 11, kwathi, "Ngizonika amandla kofakazi baMi ababili ngosuku lokugcina," ofakazi ababili futhi ngosuku lokugcina, ISambulo 11, "futhi bayokwenza izibonakaliso nezimanga phakathi kwabantu."

34 Bukani emuva lapho ngaleyonkathi, lapho uNowa no-Enoke wayeshumayela. Futhi uNowa wayeshumayela umlayezo owawubonakala ungukuhlanya kakhulu ezweni. Futhi uNowa . . . Nakhu manje. UNowa wayelungiselela umkhumbi, enza indawo yokuphepha. Futhi lokho kwakuyisimangaliso ngokwakho. Kanjani ukuthi umuntu, emhlabathini owomileyo, lapho amanzi ayengakaze afike khona, wayelungiselela umkhumbi owawuzontanta phezu kolwandle olunamandla olwaluyoba lapho. Futhi ethi, "Ayezokwehla ephuma ezibhakabhakeni," futhi ayekuphi na? "Kodwa ngokukholwa," okuyisimangaliso qobo lwakho, "UNowa, exwayiswe nguNkulunkulu, walungiselala umkhumbi." Niyakubona na? Akunandaba ukuthi kwakubonakala kungubuwula kanjani,

ukuthi kwakubonakala kunguhlanya kanjani, kubantu; kwakuyisimangaliso, kukho uqobo, ukubona indoda ibelesela. Lokho okuthile kwakubonakala kungubuhlanya.

35 Kuphindile futhi namuhla. Lapho umuntu engqongqa eVangelini leNkosi uJesu Kristu, eshumayela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ethola abantu ukuba balungele ukufika kwezahlulelo, noma isihlangu kukho. Futhi abantu bebandla lesimanje behleka futhi behlekisa, futhi bethi, "Akukho lutho kwaKho. Futhi izinsuku zezimangaliso selwedlule." Kuyisimangaliso, isigxobo sophawu emgamanxweni.

36 UNowa, esebenza eqhubeka, hhayi ukuthi wayenakho kuphela . . . enza isimangaliso, noma ebheke . . . Wayebhekile, futhi, isimangaliso.

37 Futhi ibandla namuhla, njengoba lisebenza kanzima ngaphansi komsebenzi wokushumayela iVangeli, ngezibonakaliso nezimanga zilandela, balungiselela isimangaliso: uHlwitho lweBandla, nokuya eKhaya. Lilungiselela abantu, ukubenza babelula, bethulwe umthwalo ezintweni zezwe, futhi lilungiselela imiphefumulo yabo eBukhoneni bukaNkulunkulu, ukuthi lapho uJesu ebonakala okwesibili, enkazimulweni, labo abakulungele bayohlwithwa futhi bahlwithwe kanyekanye, ukuMhlangabeza emoyeni futhi babe naYe.

38 "Njengoba kwakunjalo ngesikhathi sikaNowa, kuyoba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu; bedla, bephuza, beganwa, bendiswa," zonke lezozinto ozibona zenzeka. Vula . . . UNkulunkulu aphe, namhlanje, ukuthi uvule . . . UNkulunkulu avule ukuqonda kwenu, ukuze nibone ukuthi lezi izigxobo zophawu. Futhi izimangaliso ezingaphezu kwemvelo zilenga phambi kwethu namhlanje, zokuFika kwesiBili kweNkosi uJesu Kristu, futhi sisemgamanxweni.Qaphelani.

39 Futhi lapho uNowa eqala ukuxwayisa abantu, futhi eshumayela, abaningi babo bamhleka, bamklolodela, ngoba umlayezo wakhe wawubonakala ungenangqondo ngokuphelele.

40 Futhi namuhla, bangaba kanjani abantu namuhla . . . uma bethi, "Sinodokotela abangcono kunabo bonke ezweni. Sinemitholampilo engcono kunayo yonke esake saba nayo. Sinakho konke *lokhu*, *lokho*, no*kunye*. Kungani besingadinga . . . "

41 Lalelani. Namuhla, sidinga ukuphulukiswa kukaNkulunkulu ukwedlula esake sakudinga. Futhi njengoba izinsuku ziqhubeka, ziqhubeke, futhi ziqhubeke, kanjalo kuzodingeka kakhulu futhi kakhulu. Futhi kuyofezeka, emva kwesikhashana, ukuthi ngaphandle uma umuntu ebekwa uphawu ngoMoya oNgcwele, kunzima ukusho, uzibeke evulekile kuzo zonke izinhlobo zezinto. "Ningasondeli kunoma yimuphi walabo abanoPhawu lukaNkulunkulu ebunzini labo,

lapho lezo zinhlupho ezinkulu ezesabekayo ziqala ukwehla." Sisemgamanxweni, ezimpambanandlela manje.

42 Futhi njengoba siqaphela, futhi sibona uNowa, ukuthi wahamba kanjani, exwayisa abantu, ethi kwakuza imvula. Abantu babengazi ngisho ukuthi imvula yayisho ukuthini. Lalingakaze line.

43 Futhi kukhona abantu emhlabeni, namuhla, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokushumayela iVangeli, abangazi ukuthi kusho ukuthini ukuzalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Abazi ukuthi kusho ukuthini ukuba namandla onke. Ini? UNkulunkulu emandleni aKhe amandla onke angaguqula umphefumulo usuke e—esonini sasemgwaqeni, uye esikhundleni sengelosi eMbusweni kaNkulunkulu, njengendodana nendodakazi kaNkulunkulu. Abakuqondi. Bathatheke kakhulu, bathonywe ngubuhle bezinto zezwe. Ukubenyezela, beqomisana nezwe, futhi abaqapheli ukuthi lowo ngumoya omubi, nesigxobo esikhulu sophawu lokuphawula sabantu balolusuku, ukuqaphela nokulungela. UJesu wathi, "Lapho lezizinto ziqala ukwenzeka, phakamisa ikhanda lakho, ukuhlengwa kwakho sekuseduze."

44 Hhayi lokho kuphela, kodwa uNkulunkulu wabonisa izibonakaliso ngo-Enoke, Wabonisa izibonakaliso ngoNowa, nezwe lakuhleka. Kodwa, ngeliny'ilanga, nakhu kufika ukuduma nombani. Nakhu kufika umlilo uphuma ezulwini. Umbani nokuduma kuqala ukubhonga. Lokho kwakuyisimangaliso, ngokwakho. Futhi imvula iqala ukuna.

45 Kodwa nasi isimangaliso esikhulu. Isimangaliso sasingukuthi kwababakanjani ukuthi uNkulunkulu wayenomntwana waKhe okholwayo ekhoseliswe emkhunjini wokuphepha. Ngaso sonke isikhathi ukuduma kwakuqhubeka, imvula yayina, uNowa wayephumule emkhunjini noNkulunkulu, emiselwe ngaphambili, emiselwe ngaphambili, ukuhamba angene kulowomkhumbi. Lapho izinhlupho zazehla, uNowa wayephumule, ekuphepheni; owayekade ehlekiwe, wayengeniswe ekuphumuleni.

46 Labo ababahleka nabahlekisa ngabo, namuhla, ngoba nifisa ukuphila impilo egcwele enikelwe eNkosini uJesu, abaqondi ukuthi ukhoseliwe ngaphansi kwezingalo zaKhe zaphakade. Awuqondi ukuthi uphumule nje ngokuphepha njengoba ungaba njalo, kuye Onamandla onke, futhi akukho lutho olungakulimaza.

47 Umkhumbi uqala . . . amanzi aqala ukufika, nabantu baqala ukumemeza nokukhala, nokumpongoloza nokuqhubeka. Futhi esikhundleni sokuthi umkhumbi uhlale lapho, wawuntanta ngaphezulu ngqo, ngaso sonke isikhathi, uthwala uNowa futhi umphethe ngesizotha emagagasini. Impela. Kwakuyisigxobo sophawu. UNkulunkulu washanela izwe lahlanzeka, esonweni.

Wayezoqala elisha. Izibonakaliso nezimanga zivela ngaphambi kokuba Akwenze.

48 Qaphelani, ekuphumeni, ngenkathi uNkulunkulu ekhulula u-Israyeli, owayesebugqilini, ezansi eGibhithe. Ngaphambi kokuba uNkulunkulu aphendulele umunwe owodwa ku-Israyeli, into yokuqala Ayenza kwaba ukwenza isibonakaliso esingaphezu kwemvelo, ukukhombisa ukuthi Wayenguye Onamandla onke, ukuthi Usaphila. Abapristi norabi, kanjalonjalo, bangalolosuku, babecabanga ukuthi uNkulunkulu wayengasekho, njengoba nje benza namuhla. Kodwa uNkulunkulu usengye Onamandla onke, futhi Usakwenza okumangalisayo. Futhi babecabanga ukuthi Wayengasekho. Kodwa khona ngqo phakathi nesikhathi, uNkulunkulu wehlela kophansi, umdeni othobekile womLevi, wazala indodana, eyayingumkhululi.

49 Futhi ukuthi uMose omncane wayekhoseliswe kanjani kulomkhumbi. Ngifisa sengathi ngabe sibenesikhathi sokungena kukho futhi ngikuchaze, ukuthi bamkhipha kanjani emfuleni lapho. Futhi lapho, phakathi kwezingwenya, nakho konke okunye, kwenza okumangalisayo.

50 Ukuthi Wamlondoloza kanjani uMose, ngaso lesosikhathi, ukuthi kanjani ukuthi ngenkathi becabange ukuthi zonke izinsuku zezimangaliso lwase lwedlule. Kodwa babesemgamanxweni. BabeneZwi. Babenamathambo kaJosefa. Bona bonke babekahle. Kwakuyizibonakaliso, yebo, ukuthi uNkulunkulu wayesaphila futhi ebusa, futhi wayephakathi ngelinye ilanga. Kodwa hhayi lokho kuphela, kodwa noma kunjalo, ngaphandle kweZwi, babenoNkulunkulu onamandla onke Ongehluleke, Onguye izolo, namuhla naphakade, Owayemi phakathi kwabo bonke.

51 Futhi eneminyaka engamashumi amane, ngenkathi uMose wayemi ngasemfuleni . . . noma ngasogwadule, UNkulunkulu wehla ngesimo seNgelosi. Futhi uNkulunkulu, ngaphambi kokuba Abhubhise iGibhithe, futhi akhiphe abantwana baKhe futhi ashintshe sonke isimiselo sesikhathi, Wabonakala emhlabeni futhi wathumela iziNgelosi kwabampofu nabadingayo. Wenza izibonakaliso nezimanga. Futhi Wakhombisa uMose iNkazimulo yaKhe. Ukuthi wayengayithatha kanjani induku futhi enze isimangaliso. Wayengazifaka kanjani izandla zakhe esifubeni sakhe futhi asiphulukise, sinochoko.

52 Kwakuyini na? Sinesikhathi esiguqukayo. Sinemigwaqo egamanxene. Futhi uNkulunkulu omkhulu ongaguquki Owayephakathi—phakathi . . . akuguquki, Owenza lezozinto ekugamanxeni kwesikhathi, osekwedlule, kukhulu kangakanani Azokwenza manje lapho sonke isihogo sesibekwe olakeni olukhulu nesikhathi sokuphela sesilapha! Uyafana. Akehluleki.

Onamandla onke uhlangana nokumangalisayo. Impela. Okungaphenyeki . . . Ukucabanga okungenangqondo komuntu akusoze kwaqonda okumangalisayo. Ufanele uxhumene naye Onamandla onke. Bese kuthi-ke uma wenza lokho, uxhumene nokungaPhezu kwemvelo. Impilo yakho iyaguquka, ukucabanga kwakho kuyaguquka, ingqondo yakho iyaguquka. Wenziwe ngokwehlukile. Izifo zakho ziyashabalala. AMandla kaNkulunkulu amakhulu ayangena.

53 UMose, esihlahleni. Wabona futhi wezwa Onamandla onke, futhi wabona okumangalisayo. UNkulunkulu akanelisekanga ngokunikeza uMose umyalezo nje, ukuba ehle futhi ashumayele, yedwa, kwabaseGibhithe, nokushumayela kuma-Israyeli. UNkulunkulu, Onamandla onke noNkulunkulu omangalisayo, wayengeyena u—uNkulunkulu ukuba nje akwembule kumuntu oyedwa. Kodwa Wathi, "Thatha lezizibonakaliso!" Haleluya! "Thatha lezizibonakaliso futhi ubakhombise ezansi lapho. Ngizoba nawe."

54 Uguquko! Umgamanxo wawusufikile; isikhathi sento ethize ukuba yenzeke. Kodwa ngaphambi kokuba leyonto yenzeke, uNkulunkulu unikeza isexwayiso saKhe. "NgisenguJehova. Ngisaphila. Futhi Ngingonamandla onke. Futhi NginguNkulunkulu omangalisayo."

55 Futhi lapho ehlela eGibhithe, wathatha induku yakhe wayiphonsa phansi, futhi waphulukisa isandla sakhe esinochoko, futhi wenza lezozinto.

56 Khona-ke ngifuna niqaphele, ngasosonke isikhathi uma okumangalisayo kwakwenziwe, uSathane uhlale ekhona ukwenza into-mbumbulu ngakho. Futhi njengoba wayenza into-mbumbulu ngalolosuku, useyinto-mbumbulu ngokufanayo nanamuhla. Ngisho into-mbumbulu yakhe kuphela ikhomba esikhathini sokuphela emgamanxweni.

57 Babenezanusi ezindala, futhi ezansi lapho, ezingoJane noJambre, abasukuma. Futhi babengaziphonsa phansi izinduku zabo futhi baziphendule izinyoka, nokunye nokunye, futhi benze nje njengoba yena, benza. Kodwa uNkulunkulu waqinisekisa ukuthi uNkulunkulu wayengubani. Babengaletha izinhlupho, kodwa babengeke benze ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu yedwa ongaphilisa. Futhi babengalilethа ithumba, kodwa babengeke balisuse. UNkulunkulu wama eMandleni aKhe lapho, ukukhombisa ukuthi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kwangempela kwakungokumangalisayo kwaKhe, ukufakazela Onamandla onke emgamanxweni womgwaqo.

58 AbaseGibhithe babiza amathumba, kodwa aziphihlikela. Kodwa inceku kaNkulunkulu yayingawasusa. Ngani na? Bangenza into-mbumbulu.

59 Siyafundiswa, ngalolu izinsuku zokugcina, ukuthi bekuyoba yinto efanayo. "Njengoba uJane noJambre bamelana noMose, kanjalo bayomelana neQiniso; amadoda anengqondo enonya, mayelana nokukholwa." Ukuthi bebezokwenza kanjani! "Abanamawala, abakhukhumele; abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangenakuthuliswa, abangazithibi. Abanesimo sokumesaba uNkulunkulu."

60 O, usuku olunjani esiphila kulo, umgwaqo ongumgamanxo; ekupheleni kwendlela, ukuphela konyaka! UNkulunkulu uyakufakazisa. Ukuthi usuku oluhle kanjani ukuba luphilwe.

61 UNkulunkulu wafakazisa kubo, futhi waZiqinisekisa, futhi wathola inkazimulo. Ukuthi Wehlela kanjani lapho eGibhithe futhi washaya isizwe! Ukuthi Wamkhipha kanjani u-Israyeli ngamaphiko okhozi, futhi wenza izibonakaliso nezimanga, ngoba UngOnamandla onke wethu. Futhi Wenza okumangalisayo.

62 Ngaphambi kokuthi Acwilise izinqola zikaFaro, Wanikeza lonke uhlobo lwesibonakaliso. Unikeza izibonakaliso zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Unikeza izibonakaliso nakho konke ukuqinisekisa kwamandla aKhe. Ukuthi Wayengayisindisa kanjani indodana endala, noma athathe indodana endala. Ukuthi Wayengabhubhisa kanjani, noma Wayengasindisa kanjani ukuphila. Ukuthi Wayengazenza kanjani izimangaliso. Ubengakwenza okumangalisayo. Futhi ukuthi ilanga nenyanga kwaphenduka kanjani kwabamnyama! Ukuthi isichotho sawushanela kanjani umhlabathi. Ukuthi umbani washanela kanjani phezu kwezwe futhi wabulala izinkomo, nokunye nokunye, njengoba nje kwenza ezinsukwini zikaNowa.

63 Futhi Wathi, "Ezinsukwini zokugcina, inyanga iyohluleka ukunikeza ukukhanya kwayo, nelanga angeke likhanye. Futhi liyophenduka libemnyama njengendwangu yesaka; liconse njengegazi," lapho ifihla ubuso balo futhi likhala, qobo lwalo, ijuluka ikhipha amathonsi egazi osizi. UNkulunkulu uzobe esemhlabeni, Onamandla onke, enza okumangalisayo. Impela. Angakwenza. Unamandla onke. Cabanga ngakho.

64 Lapho, ezansi lapho eGibhithe, ukuthi Wazenza kanjani lezozibonakaliso nezimanga, nezinto Ayezenzile! UnguNkulunkulu. Akekho ongathatha indawo yaKhe.

65 Qaphelani, uNkulunkulu wenza isimangaliso saKhe, futhi Wanika uFaro ithuba. Futhi uFaro wehluleka futhi wenqaba ukuthatha ithuba lakhe. Kwakungasekho lutho oluseleyo.

66 Uma umuntu edelela umusa kaNkulunkulu, yinye kuphela into esele, lokho ukwahlulela. Futhi, mngane wami othandekayo, namuhla, uNkulunkulu esisiza, lapho ubona isiphetho salendikimba sifika, futhi uma udelela umusa owunikezwa nguJesu Kristu, uMoya oNgcwele, akuyikubakho

lutho oluseleyo ngaphandle kokwahlulela kukaNkulunkulu. Ngeke kube nalutho oluseleyo.

67 UFaro ekugcineni wona usuku lwakhe lomusa futhi akusalanga lutho, ngoba umgamanxo wawususeduze. Futhi uNkulunkulu wagamanxisa isikhathi.

68 Ngenkathi uLoti no-Abrahama, ngesinye isikhathi, ngenkathi u-Abrahama wayezoba umbusi womhlaba, inzalo yakhe yayizohlakazeka emhlabeni. WayenoLoti umshana wakhe, owayeyisihlobo.

69 Futhi isithombe esihle kanjena namhlanje sebandla elibandayo, ibandla elinganaki eliyilo ngegama; kwelizelwe ngoMoya, elikhethiweyo, elibizelwe ngaphandle, iBandla elehlukaniselwe likaNkulunkulu ophilayo. Bahlala ndawonye ethafeni elifanayo.

70 Kodwa ekugcineni kwafika esikhathini lapho uLoti athatha khona iqembu lakhe elikhulu futhi wehlela eSodoma naseGomora, lapho ababeyothandwa ngabantu khona, lapho ababeyothatha khona ukukhetha kwezwe. Futhi u-Abrahama wahlala entandweni kaNkulunkulu futhi wathatha okumpofu kwezwe. USara, umkakhe omuhle, no-Abrahama, bahlala emhlabathini ongacebile, ukuze babengakwazi ukukhonza iNkosi.

71 UNkulunkulu akathembisi umbhede onezimbali wentokomalo. Ungamkhohlisi umKristu. Futhi ningawukhohlisi uMlayezo, ngokubatshela, ukuthi, "Yonke into izolunga. Akukho okuzokulimaza. Akukho okuzokwenzeka. Akukho-zilingo noma lutho." Lokho akulungile.

72 Njengoba imbongi yasho, "Ngimele ngithwalwe ngiyiswe eZulwini ngombhede wezimbali wentokomalo, lapho abanye balwa ukuze bazuze umklomelo futhi bantweza badabula izilwandle ezinegazi?" Qhabo, mnumzane.

73 UNkulunkulu akathembisi intokomalo nempumelelo. Kodwa Uthembisa umusa, ukuba uhlale ngaso sonke isikhathi. Kungumusa esiwubhekayo.

74 U-Abrahama wakhetha indlela kaNkulunkulu. Wahlala esiqongweni sentaba, ukudabula lapho babungekho utshani obuningi bezinkomo zakhe. Kodwa, uLoti, umfanekiso wezwe elihlubukile, ibandla elingakholelwa kokumangalisayo. Kwase kuthi-ke ekugcineni kufika lezozinto ezathandela kuNkulunkulu, kwaze kwadingeka ukuthi kufike umgamanxo. Kwafanele kube nesikhathi. Ngokuba, u-Abrahama wayeyindlalifa yezwe.

75 O Nkulunkulu, kungani amaKristu engaboni na? "Babusisiwe abanenhliziyo ehlanzekileyo; ngokuba bayakubona uNkulunkulu. Babusisiwe abamnene; ngokuba bayakudla ifa lomhlaba." Isikhathi somgamanxo sesisondele; uBaba

wethu ukukhombisa ukuthi sisesikhathini sokuphela. Niyabo? Okumangalisayo, okungaphezu kwemvelo, Onamandla onke enza okumangalisayo. Mbhekeni.

76 Njengasesikhathini sika-Abrahama, ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela, bukani okwenzekile ezweni, ezansi eSodoma, emzini omkhulu.

77 U-Abrahama wayehlala etendeni, owayeyindlalifa yakho konke, wayehlala etendeni. Ngakho-ke akumangalisi ukuthi imbongi yayingathi, "Itende noma ikotishi, kungani kufanele ngikhathazeke na?" Uyindlalifa yezinto zonke, uma ukuKristu. UNkulunkulu uMnike umhlaba, futhi UyiNkosi. Futhi sikuYe, indlalifa yazo zonke izinto, onamandla onke, omangalisayo, futhi esikhathini somgamanxo.

78 Qaphelisisani manje, njengoba siqhubekela kulokhu. Bhekisisani ukuthi uNkulunkulu wenza kanjani ngaphambi nje kwesikhathi sokuphela.

79 ULoti, ezansi eSodoma. Impendukezelo yayisekwandeni. Umuntu uba ongqingili, ophendukezelwe, kuguqula inkambo yemvelo yemvelo yomuntu ibe yizindlela eziphendukezelwe.

80 Bukani ezweni namhlanje. Yonke into iba yisimiselo sesikhathi esiphendukezelwe. Futhi izindawo ezinkulu, lapho amadoda eyofunda khona inkolo, ezikoleni ezinkulu. Futhi ngikukhulumile futhi ngiyakwazi, lapho amadoda engavunyelwe ukushada nabesifazane, kodwa kubi kakhulu. Futhi ukuthi kukanjani ezikoleni namhlanje, kulamabandla esimodeni phandle lapho, ukuthi ikanjani lento enkulu! Amadoda adakiwe futhi abhema, futhi avuselela ilukuluku, futhi agijimisa amantombazane asemancane ehla nokunye nokunye, futhi aqala ebunganeni babo, kwaze kwathi imbangela yabo yangempela yokuphila iphendukezelwe. UNkulunkulu ubanikele ekubhujisweni. Futhi izimpilo zabo zixutshiwe baze abangaphinda baba amadoda nabesifazane bemvelo. Udeveli ubabambile kakhulu.

81 Bukani emgamanxweni lapho neSodoma neGomora. Bukani emgamanxweni ezinsukwini zikaNowa, beshada futhi bendiswa. Niyasibona isigxobo sophawu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwenzekeni na? Ngesikhathi esifanayo, uNkulunkulu wayenomprofethi emhlabeni. [UMfowethu Branham ungqongqothe kane epulpiti.] Ngaphambi kwesikhathi sokuphela . . .

82 Nakhu. Lalelani! Njalo, ngaphambi kwesikhathi sokuphela, lapho uSathane ekhulula abalingisi bakhe, uNkulunkulu uthumela abaprofethi baKhe. Futhi siyatshelwa eBhayibhelini, ukuthi, "Ngosuku lokugcina izinsizwa zenu ziyakubona imibono, futhi ngaphezu kwezinceku nezincekukazi zaMi."

Abaprofethi bazophinde bavele emhlabeni. Ababonimibono bazovela emhlabeni, ngesikhathi sokuphela. Thina

silapha. Sisemgamanxweni. Kuprofethiwe ngabo bonke abaprofethi abangcwele, kwehle kudlula onyakeni, futhi kwabikezelwa ngeZwi likaNkulunkulu elingcwele. Isikhathi sokuphela: ukuthi iNkosi ibiyokwenza kanjani, ukuthi izibusiso zaYo beziyoba kanjani, nokuthi udeveli ubeyokwenzani ngalezozinsuku, yini ibiyokwenzeka, isikhathi sokuphela.

83 Ubungcwele bukaNkulunkulu angeke bumelane nobubi bezwe. Kodwa ngaphambi kokuba Akulethe emgamaxweni, Uthumela ukubanibanika okubomvu kwesixwayiso. Akusikho lokho kuphela, kodwa ngaphambi kokuba uNkulunkulu abhubhise iSodoma neGomora, Wathumela futhi iziNgelosi emhlabeni, ezazixubanisa nabantu.

84 Futhi ngaphambi kwesikhathi sokuphela, uNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyothumela iziNgelosi. Futhi siyazibona. Ziza neMilayezo kaNkulunkulu usomandla. Isikhathi somgamanxo! Akungaphezu kwamaviki amathathu edlule, ukubona lowo Onamandla emi lapho, Owama kusukela ngisengumfanyana, futhi wakhuluma. Angisilo uhlanya; niyakwazi lokho. Kodwa kungokugcwalisa imiBhalo.

85 Ngicabanga ukuthi lelibandla belifanele lazi iQiniso, nesibonakaliso lapho esikhona; ukuthi angeke nibe ngabavilaphayo; ukuthi nizophaphama futhi nenze; ukuthi imehlukano izoxazululwa, futhi nizohamba njengamadoda nabesifazane abamesabayo uNkulunkulu ngempela, inhliziyo yenu ihlezi kuKristu. Futhi ningabheki kulezizinto zamanga zomhlaba, ngoba ezikadeveli; zonke lezizingxabano nezimpi, nemibango nokwehluka. Ningazibheki. Sisekupheleni. Futhi, khumbulani, ningahle ningabi nalo elinye iviki lokukwenza kulo. Angazi. UNkulunkulu kuphela owaziyo. Silapha ekupheleni.

Kwakukhona uNowa, ngesikhathi sakhe.

Nangu u-Israyeli, esikhathini sabo.

86 Nangu u-Abrahama, emgamanxweni olandelayo, phakathi (i—izwe) elemvelo nelingaphezu kwemvelo. IziNgelosi zehla. Zazibukeka njengamadoda. Udumo! Futhi zazimi ngaku-Abrahama, umprofethi, zamtshela, “Abrahama, uNkulunkulu uzokwenza okungaphezu kwemvelo. Cishe ngalesisikhathi, ngonyaka ozayo, ngokokuphila, Ngizokuvakashela. Umkakho, oneminyaka eyikhulu ubudala, futhi uzozala umntwana. Ngizokukhombisa amandla aMi, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu. Ngizokuguqula, futhi ngikubuyisele emuva ebunsizweni futhi. Futhi ngizoguqula uSara, futhi ngimenze umuntu ohlukile.” Uzomenza owesifazane osemusha. “Ngingomangalisayo. Ngingonamandla onke. Ngenza okumangalisayo. Amen. Ngizokukhombisa amandla aMi. Abrahama, sisesikhathini somgamanxo. Imimoya emibi iphansi

ngaleya eSodoma. Yebo. Basebenza phakathi kwezwe phansi lapho."

87 Basebenza lapha namuhla. Ukutamasa, nobukhazikhazi, nokukhuluma amahlaya okuchwensa, nakho konke lokhu izinto ezingcolile emsakazweni, ithelevishini, kungahlungiwe ngisho noma lutho okunye. Futhi kuphendukezela, ngezinye izikhathi, iVangeli, odabeni lwenhlalakahle. Izwe lonke seliphendukezelwe. Kepha ngesikhathi esifanayo izwe seliphendukezelwe ngaso, abakholwayo bayaphenduka, eNkosini naseMandleni kaNkulunkulu, ngokusebenza nokubonakala Konamandla onke. Ukuthi kanjani uNkulunkulu, emseni waKhe, uveza lezizinto!

88 Wathi, "Abrahama," ngenkathi lomprofethi esahlezi ngaphansi kwetende lakhe, indoda endala, phezulu ezweni eliwugwadule. Wayenendaba ngani na? Itende, noma ikotishi, ini, akwenzanga mehluko kuye. Wayeyindlalifa yakho konke. Yonke into ingeyakhe, futhi wayekwazi.

89 Kanjalo nekholwa liyazi namuhla. Yingani sibe nendaba ngalezizinto zasemhlabeni na? Yingakho ngiyeka imihlangano, esikhathini esingeside esedlule, ngoba bengingeke ngincinze abantu ngeminikelo. Anginandaba ukuthi abantu bathini, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu mkhulu ngokwenele ukuhlinzeka ngakho konke Akudingayo. Yebo, mnumzane. Ngincamela ukudla amakhekhe kasoda futhi ngiphuze amanzi egatsha, futhi ngishumayele iVangeli, kunokuthi ngibe nezinto ezinhle zezwe. Akunandaba, uma sizithola ukuthi sizibophezele ezandleni zaKhe, futhi sibheke Onamandla onke. Kunjalo.

90 Bukani lapho kukhona. Futhi siyaMbona lapho Elandela, njengoba u-Abrahama ehlezi phansi kwetende lakhe, naleziziNgelosi zabonakala kuye.

91 Zaziqhubekile zehlela eSodoma naseGomora. Futhi siyathola ukuthi uNkulunkulu, ngalolosuku, wenza izimangaliso. Wakhipha umlilo ezibhakabhakeni futhi wabhubhisa umuzi, futhi wahlanza izwe, futhi walinika u-Abrahama lonke. Futhi umkaLoti waphenduka insika kasawoti, ngoba wabheka emuva, njengesikhumbuzo sehlazo; owayeyinenekazi elikhulu phakathi kwemiphakathi yomuzi, yaseGomora neSodoma. Futhi zonke izigodi zakhukhulwa, ngenkathi uNkulunkulu enza okumangalisayo ngomlilo nesibabule esivela ezulwini.

92 Isikhathi esimangalisayo kanje pho! Isikhathi esikhulu kanje pho sokuphila! UNkulunkulu, emandleni onke aKhe! Nakho kufika umgamanxo futhi. (Ngicabanga ukuthi ngicindezelwe isikhathi, ngizofanele ngiphuthume.) Nakhu kufika Onamandla onke, uBukhona futhi.

93 Kwakukhona umfo ogama lingu-Ahabi, owashada nentombazane okuthiwa uJezebeli. Yena, wayeyikholwa

ekuqaleni, u-Ahabi, owazalwa engumJuda, wasoka ngosuku lwesishiyagalombili, ngokomthetho. Futhi wakhuliswa ekhaya lenkolo, ukuba akholwe kuJehova, kodwa wathandana nento encane enamehlo aqwayizayo omuntu okhonza izithombe. Kunjalo.

94 Futhi, namuhla, amadoda akahle angamaKristu awela ngaphansi kokuthonya kombhedo nobukhazikhazi obunjalo, ngoba leyonhliziyo ayizange izinze kuKristu Jesu. Yebo. Usuku olunje pho esiphila kulo, isikhathi esinje pho, izigxobo zezimpawu zibuka lapha ebusweni.

95 Kodwa, khona-ke, ngaphambi nje kwalokho uNkulunkulu waletha elamanqamu, ukukhombisa ukuthi kwakungubani uNkulunkulu, nakhu kufika isikhathi ukuthi kwakukhona umprofethi owafika ezweni, ogama lakhe lingu-Elija, owayegcotshiwe enomlayezo kaNkulunkulu. Futhi wenza okumangalisayo futhi wafakaza ukuthi Onamandla onke wayesengomangalisayo. Umprofethi wema phandle lapho futhi wavala amazulu, ukuthi alinanga ngezinsuku zenkonzo yakhe. Futhi wehlisa izimvula ezulwini futhi wanika umhlaba. Futhi iziNgelosi zavela enkundleni, haleluya, zambhakela isinkwa sommbila esamgcina izinsuku ezingamashumi amane, ephila, ngenkathi wayesengaphandle lapho ehlane noNkulunkulu.

96 Izingelosi ziyavela esikhathini sokuphela. Bonke abaprofethi nezigxobo zezimpawu zikhomba kukho, ngalolusuku, ukuthi izingelosi zizovela, kuzovela abaprofethi, izibonakaliso nezimanga. Futhi uma uNkulunkulu enzela leyomigamanxo emuva lapho, Uzokwenzani manje lapho sonke isihogo sesidedeliwe na? IZulu lonke lizodedelwa, izingelosi zibonakale, izibonakaliso nezimanga emhlabeni. Izinto-mbumbulu ziyaphakama. UNkulunkulu efakazisa ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Amen.

97 O, ngiy'aMthanda! Ngiqinisekile nani niyamthanda, nani. Angiqondile ukuniklabalasela, kodwa kuyavutha emphefumulweni wami, ngicabanga, ukuthi kanjani kulolusuku.

98 Ngaphambi nje kokuba Abakhulule, Wenza zonke izinhlobo zezibonakaliso nezimanga. Bathumela isigejane sabantu enhla lapho, ukuyothatha lomprofethi ngenkani. Wathi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle umlilo uvela ezulwini."

99 Bukani ukuthi umlilo uza kanjani isikhathi ngasinye. Bukani ukuthi abaprofethi beza kanjani isikhathi ngasinye. Bukani ukuthi okumangalisayo kwenziwe kanjani isikhathi ngasinye. Bukani ukuthi uNkulunkulu uziqinisekisa kanjani Yena uqobo ekuphiliseni nasemandleni isikhathi ngasinye, ezimpambanweni-mgwaqo, akukaze ngaphambili; khona kanye emigwaqeni ephambanayo, emgamanxweni, ukuguquka esimiselweni sesikhathi, ukuguquka esikhathini.

100 Manje, okwezindikimba embalwa yokuvala, bukani umzuzu. Sizohamba manje siye e-—emgamanxweni wesihlanu omkhulu, omunye wemigamanxo emikhulu, ngoba okwesihlanu yi *sihlanu*, u-J-e-s-u. Amen. Kuza isikhathi lapho umbuzo wesono uzofanele uxazululwe. Kuza isikhathi lapho okumangalisayo kumele Azenze yena aqondwe ngokugcwele. Kuza isikhathi lapho izinhliziyo zabantu zazizofanele ziguqulwe, ngoba imithetho nabahluleli, nokunye nokunye, babengeke bakwenze. Igazi lezinkunzi nelezimbuzi lalingenakusisusa.

101 Futhi ngaphambi nje kokufika kwalowo mgamanxo omkhulu, nakho kufika udeveli phakathi kwabashumayeli, wathi, "Izinsuku zezimangaiso selwedlule. Ayikho into enjalo."

102 Futhi, ngalesosikhathi esifanayo, uNkulunkulu wathumela iziNgelosi emhlabeni. Kwakukhona indoda endala ezansi lapho eyayinendlu ihlelekile, egama linguZakariya. Wayekhuleka. Ngeliny'ilanga esese-altare, ezulazulisa impepho yakhe, enza izinxuselo ngabantu, lapho kwabonakala ngakwesokunene sakhe, iNgelosi enkulu, ifakaza ukuthi isikhathi somgamanxo sase sisondele. Yamtshela ukuthi uzozala umfana, kumkakhe, owayesemdala futhi esegugile. Futhi igama lakhe uyoba uJohane.

103 UJohane wafika, esho okumangalisayo. UJohane wayengumprofethi. IBhayibheli lathi, uJesu wathi, qobo lwaKhe, "Akukaze kuzalwe umuntu emhlabeni onjengaye," kuze kube yilesosikhathi. Haleluya! Ngani na? Wayengumprofethi, omkhulu kunabo bonke owayekhona kwaze kwaba yilesosikhathi. Ngoba, lona kwakungumgamanxo omkhulu kunayo yonke uNkulunkulu ake ayenza nodeveli, ngenkathi izindlela zabo zezinyawo ziphambana, futhi lapho Wayemhhundula futhi amphange konke ayenakho. Haleluya! UJohane wayengumprofethi.

104 UGabriyeli wayeyiNgelosi lapho, ebonakala ngesikhathi somgamanxo. Udumo kuNkulunkulu! Cishe eminyakeni engamashumi amathathu nantathu ngaphambi kokuba kwenzeke, UNkulunkulu waqala esikhathini esiningi, ukuxwayisa ukuthi isikhathi somgamanxo sase siseduze. Abangakholwayo bayanda ngokuba kabi kakhulu, nokukwehlisa, nokuqophisana ngakho, nokuzama ukuphunyuka kukho. Futhi, ekugcineni, babulala wonke umuntu ababemthumile, nezinto. Kodwa uNkulunkulu waqhubeka kokumangalisayo, ngokufanayo nje, ngokuba Ungonamandla onke. Ufanele. UnguNkulunkulu.

105 Bukani ukuthi kwenzekeni manje, njengoba sikhuphukela kulosi—lesisiqephu lapha. Njengoba sikhuphuka, sibona uJohane eza emfuleni, eshumayela. Ukhuluma ngaLowo owayeza, unamandla kakhulu kunaye; uqala ukushumayela. Emva kwesikhashana, kwabonakala oyedwa ongengaphansi

Konamandla onke qobo lwaKhe, esongwe emqulwini omncane wenyama. UNkulunkulu uJehova omkhulu waZembula eNdodaneni yaKhe, uKristu Jesu. Onamandla onke wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu, wahamba phakathi kwethu. Haleluya!

106 Lapho Esahamba oLwandle lwaseGalile, ngobunye ubusuku, elele ngaleya, isikebhe esidadlana sishukunyiswa, Wenza sengathi Akazange ngisho anake nakunaka. Wayekhathele. Kodwa kufika isikhathi somgamanxo; okuthize kwakufanele kwenzeke. Wabeka unyawo lwaKhe phezu kwentambo yomkhumbi, futhi wabheka phezulu futhi wathi, "Thula. Uthi du." Ngiyanitshela, yena kanye uMdali wamazulu nomhlaba walala kulesosikebhe, futhi imvelo yayifanele iKulalele. Lapho Onamandla onke ekhuluma, okumangalisayo kuyenzeka. Amen.

107 Onochoko ogcwele uchoko, waya kuYe ngolunye usuku, wathi, "Nkosi, Ungakwenza uma Uthanda, ungangihlanza."

108 Wamthinta, wathi, "Ngizokwenza. Hlambuluka." Futhi uma Okubanamandla onke ekhuluma, okumangalisayo kuyenzeka. Haleluya! Uchoko lwakhe lwashabalala, njengelanga lindiza livela ngemuva kwefu. Impela. Onamandla onke uyakhuluma.

109 Wethembisa, ngalezizinsuku zokugcina, ukuthi Uyokhuluma futhi. Uma Onamandla onke ekhuluma, okumangalisayo kuyenzeka. Yebo, mnumzane.

110 Qaphela. Waphulukisa abagulayo. Wavusa abafileyo. Wavula amehlo ezimpumputhe. Kwakuyini na? Efakazisa kubantu ukuthi umgamanxo wawulapho. "NginaMandla okubeka impilo yaMi phansi. NginaMandla okuyithatha futhi. Akekho ongayisusa kiMi."

111 Ngeliny'ilanga, kuJohane 17, Wabheka phezulu wayesethi, "Baba, ihora selifikile." Haleluya! "Umgamanxo ulapha. Zonke izinto seziphelile manje. Zonke izinto ziyalungela. Izimpambana-mgwaqo sezifikile. Izwe lixwayisiwe. Ngibagcobile lababaphostoli, futhi benze izibonakaliso nezimanga. Sesidlule ezweni. Sifunisise emuva naphambili. Isikhathi silapha. Isikhathi sesifikile."

112 Mfowethu, njengomshumayeli weVangeli kulokhu ukusa, ngiyakholwa ukuthi uMoya oNgcwele, ukhuluma ngezindebe zomuntu ofayo namhlanje, abefundisi abagcotshiweyo, bayakhuluma, "Isikhathi sesifikile." Isikhathi silapha, futhi Onamandla onke uyaphendula. Okumangalisayo kuyenzeka; kufanele; sisemgamanxweni.

113 Futhi, lapho, ngenkathi Enze konke okumangalisayo, ngenkathi Onamandla onke, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni.

114 "Khuluma izwi, Nkosi, futhi inceku yami izophulukisa. Inceku yami izoba . . . Izophila." Wayazi. Leyonduna yekhulu yamaRoma yayazi. Yayingumuntu ongaphansi kwegunya, ukuthi yayazi ukuthi noma yini eyayiphansi kwakhe yayino . . . Noma yini ayisho, babefanele bayenze. Wathi, "Ngithi kulendoda, 'Woza,' futhi iyeza. Futhi leyondoda, 'Hamba,' iyahamba." Wathi, "Ngiyindoda engaphansi kwegunya. Futhi konke okungaphansi kwegunya lami kuyangilalela. Futhi, Nkosi, angifanele ukuthi Ungene endlini yami. Vele ukhulume izwi." Haleluya! Wayazi, lowo kwakuNgokubanamandla onke. Wayazi ngenkathi Onamandla onke ekhuluma, okumangalisayo kuyokwenzeka. O, he!

115 Wama lapho ethuneni likaLazaru, ekhala, njengomuntu enyameni yakhe. UMarta wathi, "Nkosi, ukube kuphela Ubulapha, umfowethu akafanga. Kodwa nakalokhu, Onamandla onke, khuluma! Noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoyenza. Noma yini Oyishoyo, Uzoyenza." Lapho, Wahamba waya ethuneni.

116 Onamandla onke, ebonakaliswe lapha phakathi kwethu, ehlala nathi. "UNkulunkulu, kuKristu, wabuyisana nezwe kuYe uqobo." Lapha Wahlala nathi, uNkulunkulu ezifakazela Yena uqobo ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu. Wayengonamandla onke nomangalisayo.

117 Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade; futhi Wathi, "Angisoze nganishiya. Angisoze nganilahla. Ngizoba nani kuze kube sekupheleni kwezwe." Singabheka kanjani enye into ngaphandle, lapho Ekhuluma, ukuba okumangalisayo kwenzeke na? Singayilindela kanjani enye into na?

118 Ngakho-ke nangu Ehamba, ehlela ethuneni, ekhala izinyembezi. Kwase kuthi-ke Onamandla onke Wakuqoqa ndawonye, futhi Wakhuluma. "Lazaru, phuma!" Futhi indoda eyayisivele ibolile; ikhala layo laseliwile ebusweni bayo, ezinsukwini ezine. Izimpethu zesikhumba zase zivele zingenile. Ukubola kuyamazi uMninikho. Haleluya! Ubuyisela ukuphila kwalendoda efile. Futhi indoda eyayikade ifile, yama ngezinyawo zayo futhi yaphila futhi. Okumangalisayo!

119 "Ngingukuvuka nokuPhila," kwasho uNkulunkulu. "Okholwa yiMi, noma efile, wophila. Nophila akholwe yiMi akasoze afa."

120 Khuluma, Onamandla onke! Okumangalisayo kuzokwenzeka. Futhi Uhlala njalo ekwenza emgamanxweni. Futhi sisemgamanxweni. Xwayani lapho nibona lezizinto zenzeka. Sisesikhathini sokuphela.

121 Onamandla onke uyakhuluma, futhi indoda efile, efile, yaphila futhi; yama ngezinyawo zayo, futhi yaya edilini futhi yadla naYe isidlo sakusihlwa. O, he! Kwenzenkani na?

122 Ngolunye usuku olukhazimulayo! Sonke thina esake safa esonweni naseziphambukweni; Onamandla onke wakhuluma. Sasiya esihogweni, futhi Onamandla onke wakhuluma. Sivukile esihogweni, saya eNkazimulweni, futhi ngeliny'ilanga siyokudla iSidlo sakusihlwa sedili ngosuku lokugcina. Onamandla onke uyakhuluma. IZwi likaNkulunkulu linamandla onke. SiyaLikholwa, futhi livukile ekufeni langena ekuPhileni.

123 "Ozwa amaZwi aMi akholwe yiMi, noma efile, nokho uyakuphila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa." Onamandla onke!

124 SinjengoNowa, sakha siqhubeka emkhunjini. Okumangalisayo kuzokwenzeka ngolunye usuku lapho uHlwitho lufika noJesu efika. Sisemgamanxweni manje. Uma ubona lezizinto zenzeka, phakamisa ikhanda lakho, ukuhlengwa kwakho sekusesuze. Onamandla onke uyakhuluma nokumangalisayo kuyenziwa.

125 Wathi, "Sisemgamnxweni, Baba. Ngifanele ngifakazise ukuthi UnguBani." Futhi Wavusa abafileyo. Waphulukisa abagulayo.

126 Ngenkathi ihora ekugcineni liMfikela ukuba ahambe, Wahamba ngokuzithoba waya esiphambanweni futhi wabethelwa lapho, enwetshiwe. Wayengeyena owaseZulwini; Wanqatshwa eZulwini. Wanqatshwa emhlabeni. Ngem va kokuba abantu bebone izibonakaliso nezimanga Azenzile, baMbhuqa futhi baMhleka usulu; lelizwe lesono elingamesabi uNkulunkulu. Kodwa njengoba ukwahlulela kwamphakamisa, kwaphakamisa umkhumbi, ukwahlulelwa kwamanzi; noJesu wakwenza, ngokwahlulela kukaNkulunkulu kuthululeliwe phezu kwaKhe. Wafa esikhundleni sethu, futhi waphakanyiswa.

127 Futhi ikholwa liphumule kuYe, njengoNowa emkhunjini. Ukwahlulela makushanele, kwenza mehluko muni na? Impela. Ini? Ini? Ngisho ukufa qobo lwakho akunamigoqo, akunazinhlungu. "O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?" Akukaze kungesabise ukudlula emathuneni. Ngingamemeza izindumiso zikaNkulunkulu, ngokuba ngiyazi, futhi ngiyaphila kuYe kuze kube phakade. Impela.

128 Onamandla onke usekhulumile. Kukhulume enhliziyweni yami. Kukhulume enhliziyweni yakho, okumangalisayo kwenziwe. Wake waba yisoni esincane esinobugwala, mhlawumbe i. . . njengoba wena wenza, isidakwa, noma umbhemi wosikilidi, noma ogijimela emidansweni nokuqhubeka kanjalo. Onamandla wakhuluma, futhi wena wakwemukela, futhi okumangalisayo kwenziwa; futhi waguquka usuka ekufeni wangena ekuPhileni, futhi washiya izono zakho! . . .?. . . Onamandla onke wakhuluma, futhi okumangalisayo kwenziwa. Impela.

129 Kukhona abantu abahlezi kulelibandla, kulokhu ukusa, eminyakeni embalwa edlule wayeboshwe umdlavuza, efa. Kukhona labo ohlezi lapha, obekhubuzekile futhi eyisishosha, nonyonga noshwabene. Futhi Onamandla onke wakhuluma, futhi okumangalisayo kwenzeka. Ngokuqinisekile. Impela. Siyini isibonakaliso na? Sisemgamanxweni. Sisezimpambanweni-mgwaqo manje. Silungiselela ukungena esikhathini seminyaka eyiNkulungwane.

130 Manje bhekisisani, senyukele phezulu. Futhi lapho bekwenzile, lapho beMnwebile phakathi kwamazulu nomhlaba, Izulu lalingenakuMemukela, isono sezwe sasilele phezu kwaKhe. Futhi izwe laMenqaba, njengeNkosi yabo. Yayingekho indawo yaKhe eyayisasele ukuba afe. Wayengenakuza eZulwini, ngokuba Wayenezono zezwe kuYe. Wazondwa futhi wedelelwa, futhi waphinyiswela, futhi wenqatshwa futhi waliwa wumhlaba. Kodwa Wama phakathi kwamazulu nomhlaba, futhi wasenzela ibriji elihlanganisa indlela. Futhi wonke owesilisa noma owesifazane ofisa ukukwenza, angeza ngalowomfudlana weGazi ophuma ohlangothini lwaKhe, uye eNkazimulweni. Onamandla onke!

131 Kwenzekani na? Izibonakaliso nezimanga zenzeka. Kwenzekani na? Inyanga iqala ukukhala. Ilanga lavala amehlo alo futhi liqala ukukhala izinyembezi. Futhi lahamba osizini olunjalo, laze laba nokuzamazamisa, futhi laphenduka laba njengegazi eliconsayo. Impela, lakwenza. Lapho kubone uMdali wamazulu nomhlaba, enqatshwa wumhlaba. Futhi, isono esiningi kakhulu, Akakwazanga ukungena eZulwini; futhi efa njengomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, emile phakathi kwamazulu nomhlaba.

132 Ilanga alikwazanga ukukumela, lathi, "Angeke ngisaphinde ngikhanye," ngakho-ke laqhubeka labuyela emuva. Izinkanyezi zathi, "Angeke ngikubuke kulokhu." Ya. Umhlaba wathi, "Angeke ngikumele," futhi kwaba nokuphelelwa amandla kwemizwa, futhi kwakhafula amadwala aphuma emhlabeni. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kane—Umhl.] Okumangalisayo kwenzeka! . . . ? . . . Kwaba ukuphela komgwaqo. Isono sase sibusile, kwaze kwaba yisiphambano, kodwa isono sakhokhelwa lapho. O, he! Futhi umhlaba wazamazama kakhulu waze waphonsa amadwala aphuma emhlabathini wawo, noma alenga emagqumeni. Kwazamazamisa ngisho kakhulu kwaze kwathi abafile bavuka emathuneni. Ukhuluma ngokuphelelwa amandla kwemizwa! [UMfowethu Branham ungqongqotha kabili epulpiti.] Futhi ilanga liqala ukuba nokuzamazamisa, lase liphuma. Okumangalisayo kwenzeka! Haleluya! Kuhlala kukwenza emigamanxweni.

133 Bukani ukuthi kwenzekeni kulokho, futhi lokho kwakuwukulungiselela lokhu kuphela. Baphuma bangena

eminyakeni yobumnyama, iminyaka engamakhulu ayishumi nanhlanu. (Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi, kodwa sicindezelwe. Ngifuna ukuphuma ngehora leshumi nambili.) Futhi qaphelani, lokho, kuza kudabula lapho eminyakeni yobumnyama. Ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi sokungena esikhathini, okwenzeka esikhathini sikaWesley noLuther, leso sikhathi sesithupha, ukuthi kwaba khona uguquko olufikayo, ngenkathi ibandla lalikhululwe ebumnyameni futhi lalethwa ekukhanyeni okumangalisayo kweVangeli futhi. Izibonakaliso nezimanga! O Nkulunkulu, ukuthi akukho-muntu owama, nokuphulukisa ngokukaNkulunkulu nezibonakaliso nezimanga kwenzeka. Futhi kwakuphakathi komhlatshelo nokuFika kwesiBili, futhi bukani ukuthi kwenzekeni ngaleyonkathi. Ngenkathi uJohn Wesley eshumayela iVangeli, waxoshwa emabandleni nezinto, kwaze kwathi abantu bawela kwiphansi, futhi bathela amanzi ebusweni babo. Wayengazi ukuthi kwakuyini indaba ngabo, bequleka ngaphansi kwaMandla kaMoya oNgcwele. Izibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso, nokuphulukisa, kwenzeka.

134 Manje, mfowethu, dadewethu, lalela. Yini eyenzekayo manje na? Sisesikhathini sokuphela. Singena esikhathini seminyaka eyiNkulungwane; sonke isandla sikhomba leyondlela. Iwashi elikhulu elidala liyahamba, cishe yimizuzu emibili kuze kube phakathi kwamabili. Onamandla onke uyakhuluma. [UMfowethu Branham ungqongqoth a epulpiti kane—Umhl.] Izingelosi ziyabonakala. Abaprofethi bayeza. Abaprofethi bayaprofetha. Imibono ithululelwa phezu kwalabobantu balolusuku. IVangeli liyashunyayelwa. Abagulayo bayavuswa. Izimpumputhe ziyabona. Izithulu ziyezwa. Odeveli bayadlanga. Abalingisi, oJane noJambre, balapha. Kodwa, Onamandla onke uyakhuluma. Haleluya! Sisosukwini lokugcina. Sisemgamanxweni.

135 "Izinhliziyo zamadoda ziyehluleka ukwesaba; ukudideka kwesikhathi; usizi phakathi kwezizwe." Umhlaba uba novalo kakhulu uze uqhumise uveze ukuzamazama komhlaba yonke indawo. UJesu wathi kuyoba ngaleyondlela. Kuzoba khona ukuzamazama komhlaba ezindaweni ngezindawo. Yini indaba na? Umhlaba uyazi ukuthi ulahliwe. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kathathu—Umhl.] Unokwethuka. Umhlaba unokwethuka.

136 Kodwa iBandla ligibele iVangeli. Yileyo indlela ngokuphepha. "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela ngaphandle." Haleluya! "Uma umuntu engazalwa ngamanzi nangoMoya, angengene eMbusweni." EMbusweni, wena unophawu lukaNkulunkulu lokuvunyelwa, uMoya oNgcwele enhliziyweni yakho. Vumela amagagasi agibele noma kuphi lapho efuna khona. Izikhathi ziya ngokuba zimbi. Onamandla onke uyavuka.

Abalingisi bazama ukwenza njengakho. Futhi zonke izinhlobo zezinto, bazama ukwenza lokhu.

137 Futhi iBhayibheli lasho, ukuthi umlingisi wokugcina omkhulu uyovuka ngaleya futhi ahlale phezu kwamagquma ayisikhombisa. Wayeyogqoka umqhele okathathu. Futhi uyonikeza amandla, futhi wayenamandla, kangangokuthi aze enze umlilo wehle uphuma ezulwini, ebukhoneni babantu. Ubeyokwenza konke lokho, konke lokho ngosuku lokugcina.

138 Futhi ukuthi babeyoma kanjani futhi balingise abantu, bekhothama emathempelaneni abantu abafileyo, nayo yonke into, nokuhlikihla amathambo nakho konke. Kodwa, ngenkathi besahlikihla amathambo futhi bekhothama emathempelaneni, Onamandla onke uyakhuluma futhi okumangalisayo kuyenzeka. Bathi, "Kuyisigejane sombhedo."

139 Kodwa iBandla liyakhula, izimvuselelo ezinkulu zokuphulukisa zigcwele izwe lonke. Izibonakaliso nezimanga zihamba yonke indawo. IziNgelosi zibonakala kubantu. Izibonakaliso nezimanga zilapha. Kuyini, mngane na? Sisesikhathini sokuphela. Sisemgamanxweni. "Phakamisa ikhanda lakho," Wathi, "ukuhlengwa kwenu sekuseduze." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Yisikhathi somgamanxo.

140 "Futhi kuyakwenzeka," kusho uNkulunkulu, "ngezinsuku zokugcina, ngiyothulula uMoya waMi. Amadodana namadodakazi enu ayakuprofetha," abaprofethi bethembisa. "Izinsizwa zenu ziyakubona imibono. Futhi Ngizokhombisa izimangaliso ezulwini phezulu," amasoso andizayo nakho konke. "Usizi olukhulu; umhlaba uyozanyazanyiswa ngazo ezinhlobonhlobo . . ." Ukuzamazama komhlaba okukhulu kuzokuza, nezintaba-mlilo ezinkulu zizokwenzeka, nenkathazo enkulu, usizi phakathi kwezwe. Izizwe ziyobe zizama ukuthola ukuthula, ngommese emuva komhlane wazo. Kuyoba khona inkathazo yonke indawo, zonke lezizinto. Futhi abantu bayokhula babe babi kakhulu babe babi kakhulu.

141 "Futhi lapho isitha singena njengozamcolo, Ngiyophakamisa ibhanela ukumelana naso," uMoya kaNkulunkulu. Isikhathi somgamanxo! Ukuphela komgwaqo. I-Afrika iyabhonga ngomhlangano omkhulu wokuphulukisa. Futhi izibonakaliso nezimanga zibonakala, emhlabeni wonke jikelele, yonke indawo. Kuyini na? Isikhathi somgamanxo. Isikhathi sokuphela.

142 Izinqola ezingenamahhashi ziya "gqugquzela endleleni ebanzi." Zonke lezizinto ezehlukene Azisho. "Amadodakazi aseZiyoni, ukuthi agqoka kanjani futhi ahambe." Ukuthi ongqingili nezinto ezahlukene bayobonakala kanjani; kanjani, impendukezelo, "amadoda ayonikezelwa ekudukeni okunamandla," nazo zonke izinto enjalo. Bayoba kanjani

aba "namawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangenakuthuliswa, abahlebi."

143 Futhi ngolunye lwalezizinsuku, mfowethu othandekayo, uJesu uzofika. Futhi labo ababeleselayo, kulokho abakubiza "ngokushisekela ngokweqile" namhlanje, ukukholelwa eVangelini likaKristu eliyimfashini endala, futhi Onamandla onke ekhuluma, okumangalisayo kwenzeka!

144 Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayokhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha; noma baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." "Lezizinto eNgizenzile, nani niyozenza. Ngiyoba nani njalo, ngisho nasekupheleni." "Lapho lezizinto ziqala ukubonakala, phakamisa ikhanda lakho, ukuhlengwa kwakho sekuseduze."

145 Niyabo, bangane, njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, ekufikeni kweNdodana yomuntu. Kunjalo nasezinsukwini zokukhululwa kuka-Israyeli. Kunjalo naseNdodaneni yomuntu esiphambanweni. Sikanjalo nathi emgamanxweni. UNkulunkulu uhlala ekhombisa okumangalisayo, wenza izibonakaliso ezinkulu nezimanga, uphulukisa abagulayo, uvusa abafileyo, ukhipha amademoni, umoya omkhulu wemvuselelo; izibonakaliso ezulwini, nasemhlabeni; usizi phakathi kwezizwe. Sisemgamanxweni.

146 Yini elandelayo na? UJesu Kristu uzobuya futhi ngokwesibili, enkazimulweni, ukwamukela bonke labo abafile kuKristu futhi abaphilayo kuNkulunkulu. UNkulunkulu uzoletha wonke umuntu kanye naYe. Futhi abamnene bayakudla ifa lomhlaba, futhi isikhathi seminyaka eyiNkulungwane esikhulu siyongena. Futhi ngeke kusaba khona izimpi. Bazonqwabela izikhali zabo, futhi balolonge eyabo . . . bafaka imikhonto yabo emathuluzini okuthena nokusikayo kwegeja, nokunye nokunye. Futhi izizwe aziyikuphakamisa inkemba ngokumelana nesizwe. Kanjalo angeke kusaba khona okunye ukugula, angeke kusaba khona enye inkathazo, angeke kusaba khona obunye ubuhlungu benhliziyo. Kodwa Lapho siyophila, eBukhoneni baKhe lapha, kuze kube phakade naphakade.

147 Futhi, zonke lezizibonakaliso nezinto, sisemgamanxweni. Sisemgwaqeni ophelayo.

148 Ngiyajabula kakhulu namhlanje ukwazi ukuthi, kuKristu Jesu, ngigxilise okwehange umphefumulo wami ekusithekeni kokuphumula. Ngijabula kakhulu ukubona uNkulunkulu, eZwini laKhe elingcwele, enza futhi enikeza izibonakaliso nezimanga. Futhi ukwazi lokho, namuhla, phambi kwebandla lami elincane lapha, ukuthi ngiyakwazi ukusho lokhu, njengoba ngenza ngaphambilini ngenkathi ngiphuma ngesinye isikhathi. Niyakuwabona amakhulu, aMandla ahloniphekile

kaNkulunkulu usomandla konamandla onke, aMandla amangalisayo ayokwenza okuningi kakhulu ngokwedlulele, ngaphezu kwakho konke lokho esake sakucabanga noma sakukholwa. Futhi khona emnyango manje. Futhi niyakubona kuqinisekisiwe, khona ngqo emnyango webandla lakho uqobo lapha.

149 Ngakho-ke, bangane bami abancane abathandekayo, ningalokothi nenzele uKristu phansi. Mphileleni, ngesiphambano. Phakamisani izinhliziyo zenu, futhi nibambe izandla ezingcwele kuNkulunkulu. Futhi uma ibandla, noma yini, liqala nga*le*ndlela, nga*leyo*ndlela, noma abantu bekhuluma noma besho *lokhu*, ningakunaki nhlobo. Gcinani izinhliziyo zenu zizodwa esiphambanweni nakuKristu, futhi niphilele Yena. UNkulunkulu aniphe khona. Sisemigamanxweni, izimpambana-mgwaqo.

150 Singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje, senzele izwi lomkhuleko. Ngifuna udadewethu adlale leliculo elihle elidala, *Ukholo Lwami Lubheka Phezulu KuWe*, 189...-84, ngenkathi sisesemkhulekweni. Ngiyazibuza...amakhanda enu ekhotheme.

151 Sisemgamanxweni, mngane. Silapho. Zonke lezizinto, lempendukezelo phakathi kwabesifazane nabesilisa, lolusizi olukhulu enilubonayo, luyini na? Ngikufakazisile ngeBhayibheli. Kube, ngaso sonke isikhathi, umgamanxo. Akukaze kube *ngaphambi* komgamanxo; njalo *e*mgamanxweni. Ngaphambi nje...Niyabo, amadoda aqhelile manje. Asukile esayenseni yezenkolo. "Futhi izinsuku zezimangaliso selwedlulile." Niyabo? Niyabona bakwenza kuwo wonke omunye unyaka.

152 Kodwa ngaphambi nje kwesikhathi sokuguquka, uNkulunkulu wehla ekubeni namandla onke futhi wenza okumangalisayo. Yingakho abantu bekhuluma ngami futhi basho izinto abazenzayo. Yingakho bekhuluma ngawo wonke amaKristu akholwa yilokho.

153 Kodwa niyabona ukuthi kwenzekani kubo emuva lapho, abakholwayo na? Babevikelekile. U-Abrahama wayephephe nje njengoba wayengaba njalo. Amen. Wayenjalo noMose; azikho izinhlupho ezamkhathaza noma u-Israyeli. Kanjalo azimkhathazanga uNowa. U-Enoke wahlwithwa ngaphambi kokuthi kwenzeke, wasukuma ezibambelelweni zokuzivikela zaseNkazimulweni, ekubuka kuqhubeka.

154 Uma nilapha kulokhu ukusa, ngaphandle kukaKristu, yazini ukuthi umphefumulo wenu awulungile, ngenkathi nisakhothamise amakhanda enu. Ngifisa sengathi beningakwenza, kuNkulunkulu. Angazi ukuthi ngiyophinde ngikhulume nini nani futhi. Kodwa sisemgamanxweni. Uma ufuna ukukhunjulwa emkhulekweni, kuNkulunkulu,

ungasiphakamisa nje isandla sakho kuYe manje na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Wena, wena. Yebo, uNkulunkulu akubusise. Abaningi benu, amadazini ezandla.

155 Manje usakhothamise ikhanda lakho, sifuna ibandla kancane lihamishe leli. Uma ufisa, sine-altare elivuliwe lapha, woza futhi unikele nje izwi lomkhuleko kanye nami, kuNkulunkulu, ngomphefumulo wakho. Ngingajabula ukukwenza, ukukhuleka kanye nawe.

Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe, (akukho
okunye ngaphandle kwaKho)
Wena Wundlu laseKalvari,
Msindisi waPhezulu;
Manje ngizwe ngisakhuleka,
Susa sonke isono sami,
O makuthi mina kusukela namuhla
Ngibe ngowaKho wonke!

Kwangathi umusa waKho ocebile . . .

156 Ingabe uyakhuleka na? Ingabe uyaMcela yini ukuthi akuhawukele na? Phenduka, mngane oyisoni. Njengamanje Mnike impilo yakho.

Ukushisekela kwami kuphefumulelwe;
Njengoba Wena wangifela,
O kwangathi uthando lwami kuWe,
Lube msulwa, lufudumale, futhi lungaguquki,
Umlilo ovuthayo!

Esahlanganisa elinye ivesi, asibe semkhulekweni manje.

157 Baba waseZulwini, awu, asibaningi, ukuqala nje, Nkosi. Sifika nje lapha ngoba Wakhuluma saba khona. Wasondla futhi wasigcina. Thina esamukele Wena, sibonga kakhulu, Nkosi, ukwazi lokhu; ukuthi ngelinye ilanga sizoguqulwa, lomzimba omdala onyanyekayo wokuhlazeka esiphila kuwo, uzoguqulwa futhi wenziwe ufane futhi ufane nomzimba waKho. Siphumula ngokuphepha kulomkhumbi.

158 Futhi ngeZwi laKho, kulokhu ukusa, ngoMoya oNgcwele, Ulethile kubantu isigxobo sophawu. Sisekupheleni, uguquko. Izibonakaliso nezimanga ziyabonakala, izinto ezinkulu zenzeka. Siyazi, Nkosi, ukuthi sisekupheleni. Yingakho lezizinto zilapha. Kakhulu kunoma yisiphi isikhathi, sizakuyibona iNkosi iza.

159 Futhi, Nkulunkulu, ngiyakhuleka, Wena wazi izinhliziyo zabantu. Ngibanika lesisethembiso, lesisimemo. Bangeza, Nkosi, baMemukele manje. Wena wathi, "Oza kiMi, Angisoze ngamlahlela phandle. Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akasayi ekwahlulelweni; usedlulile kakade waya ekuPhileni okuphakade."

160 Ngiyakhuleka, Baba, Uzobhekana nezinhliziyo zabantu namhlanje. Hhayi ukubanika ukuvumisa; ngikholwa ukuthi usuku lwalokho selwedlule. Ingcosana nje Onayo esele, Nkosi, ifanele ize ngesizotha, ngokusile ekhanda, phezu kokuvuma kwabo, bekholwa, bemukela uKristu, futhi besho ukuthi uNkulunkulu ufikile enhliziyweni yabo futhi wakhuluma. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, uma Uke wangqongqotha ezinhliziyweni ngaphambilini, ukuthi lokhu kuzoba ukungqongqotha futhi namhlanje. Uma kungokokugcina, kunikeze, Baba. IZwi laKho liyiQiniso. SiLethula kuWe, manje, Nkosi, ukuthi uMoya oNgcwele manje uzosebenzana nayo yonke inhliziyo, sisacula ivesi lokugcina.

161 Amakhanda enu ekhotheme. Uma ufisa ukuza e-altare ukuzokhuleka, mngane oyisoni, woza manje, njengoba wemukela uKristu. Noma wena ohlubukile, woza khona manje futhi ume e-altare. Sizokhuleka kanye nawe. Kulungile.

> Nginyathela ekudidekeni okumnyama kwempilo, (yilokho enikwenzayo)
> Nosizi lwanda macala onke kimi, (ukufa, ukugula)
> Nkosi, yiba Wena nguMholi wami; (O Nkulunkulu!)
> Yala ubumnyama bube yimini,
> Sula izinyembezi zokudabuka,
> Ungangivumeli nanini ngiduke
> Ngisuke eceleni kwaKho.

162 Amakhanda enu ekhotheme. Mfowethu Wood, ngifuna uphakamise ikhanda lakho umzuzu. Mfowethu Cox, wena usesakhiweni, noMfowethu Fleeman na? Ngifuna niphakamise ikhanda lenu, nina madoda nje. Niyakubona enginitshele khona na? "Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini, ukuthi, umprofethi ezweni lakubo uqobo, phakathi kwabakhe uqobo."

163 Manje, Baba wethu onomusa, waseZulwini, sethula loMlayezo kuWe, Nkosi, leyombewu yahlwanyelwa yajula ezinhliziyweni zabantu; ukuthi ngolunye usuku olukhazimulayo, uJesu uyakufika, futhi uzothole bonke abangcwele. Okungukuthi, Uzokwenza, futhi wonke umuntu uyohlwithwa futhi ayiswe eNkazimulweni. Futhi lolo kuyoba usuku lokuthokoza olukhulu kanjani, lapho uJesu iNkosi yethu ebuya! Siyabona ukuthi sibonga kakhulu ngokuphila kulolusuku.

164 Futhi, Nkulunkulu, ngiyaphenduka kukho konke, futhi ngokwazi ukuthi ngeke siziphilele ngesingathi, Nkosi, kodwa si—siyizoni, ukuqala nje. Futhi nsuku zonke, ngethemba Wena, ngokwazi ukuthi nsuku zonke ngiyona, ngokwazi ukuthi izinto zansuku zonke ziyenzeka kimi nasempilweni yami, ukuthi Ubungeke uthokoze ngazo. Futhi ngiyalivuma iphutha

lami futhi ngiyakwemukele Wena, Nkosi yaMi, njengoba umphefumulo wami uqobo ulele e-altare, kulokhu ukusa, kulelitabernakele elincane, ngiwulalisa phansi lapha, Nkosi.

165 O Nkulunkulu, ngehlulekile kuWe emuva ngaleya, ngalezoziphiwo zobuNkulunkulu, njengoba Wakhombisa ngokumangalisayo ngaleya, ngobunye ubusuku. Futhi ngiyaxolisa. Ngiphendukile kuWe, embonweni. Futhi manje kokwami okulungile. . . Kulesi sigaba engiphila kuso manje, ngiyaphenduka kuWe, Nkosi yami, futhi ngicela Wena ukuthi Uzongithethelela, futhi uzongisiza. Futhi ngomusa waKho, ukuthi Usuvele ungitshelile ukuthi lezizinto zazizokwenzeka enkathini ezayo manje. Ngokwazi ukuthi ziyokwenza, ngakhoke, Nkosi, ngicela ukuthi Ungcwelise umphefumulo wami nenhliziyo yami, njengoba ngikunikela kuWe.

166 O Nkulunkulu, ungazamazamisi umhlaba kuphela, kodwa namazulu futhi. Nkosi, asingene emasimini ngaleya, lapho izigidi zilindile, Nkosi, nokulamba nokoma, nokukhala nokucela, nabahedeni bayafa ebumnyameni.

167 O Nkulunkulu, zamazamisa lesi esikhulu, isizwe saseMelika esiphingile, esiwele ebuwuleni, neSodoma lesimodeni neGomora. "O wena ndodana yokusa, kanjani ukuthi wawa na?" "Wagijima kahle; kwenzakaleni kuwe na?" Kodwa, O Jerusalema, Jerusalema, Ubethanda kangakanani ukunifukamela! Futhi kunjalo ngeMelika namuhla, njengoba uMoya oNgcwele ukhala enhliziyweni yami, "Benginganenza kaningi kanjani ithoshi elivuthayo esizweni nasemhlabeni! Kodwa, nemukele iHollywood, nemukele izimfashini zezwe. Futhi manje ninikelwe koJane noJambre. Futhi usuku lwenu lufike kanjani—lwenu kanjani! Kanjani ukuthi amadoda anamandla ashanele isizwe, ukuthi bafunisise kanjani kulokho abebengakuthola, futhi manje Uyahoxa futhi uyekela uyashiya uya kwezinye izizwe." O Nkulunkulu, sihlezi emilotheni yezinsalela zayo uqobo. Sihlezi phezu komgqomo waso uqobo wobukhazikhazi. Futhi ngolunye usuku olukhazimulayo, iNdodana kaNkulunkulu, ekulungeni kwaYo okungcwele, iyokwembulwa eZulwini, khona-ke siyomaphi na?

168 O Nkulunkulu, siphe namhlanje ukuba izinhliziyo zethu ziqiniswe kuWe. Sithethelele izono zethu eziningi. Futhi, Baba, busisa lababefundisi abalapha kulokhu ukusa, abashumayeli beVangeli. O Nkulunkulu, kwangathi bangaphuma namhlanje naloMlayezo enhliziyweni yabo, futhi uthi, "Ngibona manje isikhathi sokuphela, isigxobo sophawu. Futhi ngiyazi sisemgamanxweni, futhi yilokho konke lokhu okungakho. Bengizibuza ukuthi kungani inhliziyo yami ibinjena, ibishukunyisiwe kakhulu kuleminyaka embalwa yokugcina. Yebo, Nkosi. Yebo, Nkosi." Kwangathi bangakubona.

169 Kwangathi amehlo abo angavuleka, bayaqalaza lapha bese bethi, "Yebo, nakhu, ngiyazibona zonke lezizinto ezimbi ziyizibonakaliso." Ziyizibonakaliso ezingaphezu kwemvelo ezivela esitheni. Ngani, wenza izimanga ezinkulu. Wenza izinto ezinkulu, kangangokuthi wehlisa umlilo uvela ezulwini. Yebo, banamasathelayithi emhlabeni wonke jikelele. Futhi—futhi ziyizinto zemvelo, isitha siletha izimpawu zomlilo; nakho konke okunye, izinyanga zamanga namalanga amanga, nakho konke okunye kwezinto zabo.

170 Kodwa, Nkulunkulu, Wena wathi kuyobakhona izibonakaliso phezulu lapho, futhi, ukuthi angeke baqonde, futhi siphilela ukukubona. Ngibonga kakhulu, Nkosi, ngibonga kakhulu ngoKristu. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzokwenza, ngenceku yaKho ezithobile. . . Izinyembezi ezizisolayo ezihlathini zami, Nkulunkulu, nginikela impilo yami kuWe, kabusha namuhla. Futhi Ungangisiza, Nkulunkulu othandekayo, ukuba ngihlale ngithobekile, futhi ugcine ngakimi amadoda athobekile azoKukhonza, Nkulunkulu othandekayo, futhi sizokwenza umsebenzi kaNkulunkulu kuze kuba, uJesu, Wena udedela ukufa kungikhulule kulelitabernakele lokuthotshiswa. Futhi khona-ke, Baba, ngifuna ukuba naWe.

171 Busisa lelibandla elincane elithandekayo. Nkulunkulu, busisa umelusi wethu othandekayo lapha, uMfowethu Neville, umngane wethu othandekayo omi lapha noma ngabe kuyabanda noma kuyashisa, noma ngabe kuhamba kalula noma ngokuqina, futhi usalokhu ebiza leliVangeli elingaxutshiwe leNkosi uJesu. Nkulunkulu, mbusise nomkakhe omncane nabantwana. O Nkulunkulu, kwangathi angashisa iVangeli ezinhliziyweni zabantu, kuze kufike uJesu. Mbusise. Nkulunkulu mnike amandla amakhulu. Siyamthanda futhi siyazi ukuthi uyindoda ezithobile futhi usebenzela Wena. Futhi ngiyabonga ngaye, Nkosi, ukumshiya nalesi esincane—lesisibaya sezimvu esincane lapha, engake ngaba naso phakathi lapha. Futhi, Nkulunkulu, ngiyakhuleka nje ukuthi Uzomsiza ukuba angenise ezinye izimvu eziningi emhlambini. Siphe khona.

172 Yenza lokho kuwo wonke umfundisi okhona. Futhi hhayi lapha kuphela, Nkosi, kodwa emhlabeni wonke, ngokuba siyazi ukuthi usuku luyadinga. Izibonakaliso zilapha. Udeveli usehambahambile, njengebhubesi elibhongayo, emangalela ngamanga, nokulingisa, futhi, kodwa, Nkulunkulu, Wena uphakamisa ibhanela ngokumelene nakho, ngoMoya oNgcwele, futhi siyabonga. Manje sibusise, ndawonye.

173 Futhi namhlanje, Baba, njengoba sizokhulekela abagulayo, sengathi Ungagcoba wonke umfundisi phakathi lapha, kabusha. Siphe khona, Nkosi. Futhi kwangathi lonke ikholwa phakathi lapha lingagcotshwa, nawo wonke umuntu ogulayo agcotshwe. Futhi kwangathi, lapho siphuma lapha, kwangathi wonke umuntu angenziwa aqine kahle, nenkazimulo kaNkulunkulu

phezu kwemiphefumulo yethu, njengoba sikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

> Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe,
> Wena Wundlu laseKalvari,
> O Sa-. . .(Asiphakamise izandla zethu njengoba sicula.) . . . Waphezulu;
> Manje ngizwe ngisakhuleka,
> Susa zonke izono zami,
> O makuthi mina kusukela namuhla
> Ngibe ngowaKho wonke!

Kancane kancane, *Hlala Nami*.

174 Namakhanda ethu ekhotheme, sinikela zonke izinto kuWe; qobo lwethu, izimpilo zethu, inkonzo yethu. Sisebenzise sonke, Nkosi. Kwangathi wonke umuntu angahamba ephefumulelwe, namuhla. Kwangathi lolu kungaba usuku esiyolukhumbula kade, ngenxa kaMoya oNgcwele unathi futhi usibusisa.

175 Manje yipha abagulayo, Nkosi, izidingo zabo namuhla. Siphe khona, Nkosi. Yiba nomusa, Baba. Yenza lokhu ngenxa kaJesu, siyakhuleka.

176 Futhi manje, Mfundisi omkhulu, Wasifundisa sonke, ngelinye ilanga. Wafundisa abafundi baKho, njengesibonelo kithi sonke. Wena wathi, "Emva kwalendlela khulekani." [UMfowethu Branham nebandla bakhuleka kanyekanye, njengakuMathewu 6:9-13—Umhl.]

> . . .*Baba wethu osezulwini, Malingcweliswe igama lakho.*
>
> *Mawufike umbuso wakho. Mayenziwe intando yakho emhlabeni, njengasezulwini.*
>
> *Usiphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.*
>
> *Usithethelele* eziphambukweni zethu, *njengalokhu nathi sibathethelela labo* abaneziphambeko kithi.
>
> *Ungasingenisi ekulingweni, kodwa usikhulule kokubi: Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen.*

177 *Kholwa kuphela*, uma uthanda, dade.

178 Bangaki ozokhulekelwa na? Singazibona izandla zenu, ofuna ukukhulekelwa na? Angazi noma ningashaya umugqa, ngapha ngakuloluhlangothi lwesokudla *lapha*, abaningi ngangokunokwenzeka. Nalabo abangaku*lolu*hlangothi, shayani umugqa niye maphakathi nesikhala sezihlalo *lapha*, uma ningakwazi. Labo abaku*lesi*sikhala sezihlalo, shayani umugqa ngapha ngaku*lolu*hlangothi. Futhi laba abamaphakathi nesikhala sezihlalo, *lapha*. Kulungile. Asicule manje.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela.
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela.

179 Bangaki abake baba semhlanganweni ngaphambilini, inkonzo yokuphulukisa. Asibone isandla sakho. Nonke enike nabakhona. O, he! Onamandla onke, omangalisayo!

180 Ngiyazibuza. Manje into ethize nje ifika kimi, eguqula umqondo wami ngento ethile khona manje. Ngiyabona lomugqa womkhuleko mhlawumpe uzosithatha kuze kube ngelesithathu nqo futhi, ukuba siphume kuwo.

181 Uphi uMfowethu Tom Merrideth na? Ngabe usekhona na? UMfowethu Junior Jackson? Bobabili, abefundisi. Nina befundisi, bashumayeli beVangeli, enikholelwayo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, wozani lapha umzuzu nje.

. . . Kholwa kuphela.

Kholwa kuphela, kholwa kuphela.
Konke kuyenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kuyenzeka, kuphela . . .

182 Umzuzwana nje, ngifuna ukunibuza okuthize. Ngokuba, uMfowethu Cox, nabaningi benu lapha uyazi ukuthi lengxenye yeviki, Nginitshelile ukuthi angiyifuni inkonzo yokuphulukisa, kulokhu ukusa, lapha. Kodwa ngibe nabangani ukuba bangishayele ucingo, ekuhlonipheni ini na? UMfowethu Hall ubebambe imvuselelo, inkonzo yokuphulukisa, ngale kwaMfowethu Durban. Futhi uMfowethu Hall ubengapho. Ngenze isimemezelo ngeviki eledlule, ngezinkonzo zakhe. Yingaleso sizathu nge—ngenze leso simemezelo, ngoba ungumfowethu, futhi ebambe inkonzo. Futhi . . .

183 [Abanye abazalwane ebandleni baqala ukukhuluma.—Umhl.] Ngani, ngani, Mfowethu Hall, nguwe lowo, Mfowethu Hall, lapho na? UMfowethu Hall unathi. Kulungile. Mfowethu Hall, ingabe uyavala, kulobubusuku, mfowethu na? Ngiyabona. UMfowethu Durban ungaphesheya komfula. Banenkonzo yokuphulukisa. Ngiyamazi uMfowethu Hall, umfowethu okahle, inceku yeNkosi egcotshiwe.

184 Ngiyazibuza, Mfowethu Hall, awu, uma kungeke kube ukucela okuningi kakhulu, ungama nathi, kulokhu ukusa, ngomkhuleko, wabagulayo, kanye nathi na? Ngiyakuzonda ukubeka umfundisi, obekade ekhuleka kanjalo; uma nje uzoma lapha, nobukhona bakho kanye nathi, uku—ukukhulekela abagulayo.

185 Ake sithi, "Sibonga iNkosi ngoMfowethu Hall." [Ibandla lithi, "Sibonga iNkosi ngoMfowethu Hall. Amen."—Umhl.] Unenkonzo ngaleya kwaMfowethu Durban, kuleliviki. Abaningi

benu bayethamelile, akungabazeki. Futhi ngafunda ukuthanda uMfowethu Hall ngenkathi wayelapha ngesinye isikhathi. Futhi khona-ke ukuba nempumelelo eningi kangaka, iNkosi imnikeze impumelelo enkulu ekukhulekeleni abagulayo. Futhi ngikholwa ukuthi ubelokhu engapha isikhashana impela, ekhulekela abagulayo. Futhi, Mfowethu Hall, ungafuna ukusho izwi kubafo, noma yini esengqondweni yakho na? Kulungile, mnumzane. Ube nomhlangano omuhle kuleliviki, Mfowethu Hall na? Sijabule kakhulu ngawe ngokuba lapha.

186 Futhi manje nina bantu abagulayo. . .Hhayi lokho kuphlela, laba befundisi lapha, sonke sikleliswe ndawonye njengenqaba, sikholelwa kuye Onamandla onke. Siyakholwa ukuthi uNkulunkulu usomandla, kulolu izinsuku zokugcina, ngokwenza izimangaliso, nokuphulukisa abagulayo nabahluphekileyo, futhi sibona ubukhona baKhe ezindaweni zonke benza khona impela Athi Uyokwenza. Silapha ukuzonikhulekela kulokhu ukusa. Futhi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza.

187 Futhi umzuzwana nje. [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UMfowethu Jack Oakey, lapha ovela eRevival Center na? Ngani, singajabula ukuba nawe, Mfowethu Jack Oakey, noma ngabe ukuphi. Futhi umfowethu usanda kufika wangitshela ngoMfowethu Jack Oakey. Ngabe ukhona esakhiweni na? Manje-ke, ngani, wena—wena yenyuka ngqo kanye nathi, Mfowethu Oakey, noma ngabe ukuphi.

188 Nabanye abefundisi, ngani, siyajabula nje ukuba nani. Uma nikholelwa ekuphulukiseni, wozani lapha. Lona umsebenzi wethu ukwenza lezizinto, nokukhulekela abagulayo nabahluphekileyo. Lokho kuhle kakhulu.

189 Mfowethu Oakey, kuphi . . . Ngabe lowo nguMfowethu Oakey omi lapha nawe na? Qhabo. Oakey, Oakey, kakhulu ngi . . . Hhe? Uthini? [Omunye ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kulungile, umvangeli. Noma ngabe ungubani, woza, mfowethu ongumfundisi, ngqo phezulu lapha, inhlanganyelo. O, he! Lokho kuyamangalisa. Woza ngqo. Ubani igama lakho, mfowethu na? [Umfowethu uthi, "UMfowethu Jack Arkly."] UMfowethu Jack Arkly. Siyajabula ukuba nawe, Mfowethu Jack, kanye nathi.

190 Manje, lokho kuhle futhi kuhle kakhulu. Nonke ningaxhawulana, njengoba niza ngapho, futhi nazane.

191 Futhi manje nakhu iNkosi esithumele khona, kulokhu ukusa, ukuba sikhulekele lababantu, futhi abanye babo esimweni sokufa. Inenekazi elimi khona lapho emuva, elifake isigqoko esimhlophe, linomdlavuza. Kunendoda emi lapha phambi kwami, inomdlavuza. Futhi kuneziningi—izinto eziningi ezahlukene. Lapha kulele inenekazi lapha elephuke iqakala elingapholi. Sinakho, o, izinto eziningi—eziningi lapha. Inenekazi elihlezi lapha elinesifo samathambo, esihlalweni

esinamasondo. Likholwa ukuthi uNkulunkulu uzolivumela liphile. Siyakukholwa lokho, nathi.

192 Manje, bazalwane, into kuphela esingayenza ukukhuleka. Ngabe kunjalo na? [Abazalwane bathi, "Amen."—Umhl.] Khulekani nje. Ngibuthakathaka kancane impela namuhla ukuba ngingene kulokho...?...Niyabona, nje ngi... Ngishumayele kanzima.

Ngakho-ke, manje asikhothamise amakhanda ethu.

193 Ngizocela abafowethu, uma ngamunye ezoza. Futhi asenzele indawo khona lapha ezansi ngaphambili, lapha, ukuze sizokhulekela laba abagulayo. Ngizokwehla kanye nani. Futhi sizokhulekela abagulayo, futhi sidlulise abanye, futhi sikhulekele ngamunye. Futhi sonke sibeka izandla phezu kwabagulayo futhi sikholwa ukuthi uNkulunkulu uzobaphilisa. Niyakukholwa, bazalwane na? [Abazalwane bathi, "Amen."—Umhl.] Kuthiwani ngakho, Mfowethu Hall, uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Kulungile. Kuzokwenzeka.

194 Makuthi thina manje, uma nithanda, sithi shelele siphume, ezansi ngasohlangothini, izitebhisi lapho, bazalwane bami, uma nithanda. Futhi nizenzele umugqa omncane ngalapho manje. Ngizoqala—qala ezansi lapha, futhi sizokhuleka.

195 Futhi sifuna lonke ibandla lihlanganyele nathi. Nizokwenza yini, bangane, sisakhulekela laba abagulayo na?

196 Manje, nina bantu, kukhona abavangeli abakahle lapha, nabefundisi bemikhankaso yokuphulukisa, olapha ukuzokhuleka kanye nani kulokhu ukusa. Futhi siyajabula ukuphendulela inkonzo manje ekukhulekeleni abagulayo.

Asiphinde sikhuleke futhi.

197 Baba, eGameni likaJesu, semukele manje. Sicela uMoya oNgcwele ukuba uze phezu kwethu futhi usibusise, futhi usinike lokho esikucelayo namuhla. Kwangathi amandla onke amakhulu angamandla kaNkulunkulu angangena kithi khona manje. Futhi kwangathi iNkazimulo yeShekina, O Nkulunkulu, eyayihlala ngaphansi kwamaphiko ahlangene khaxa amaKheribu, sengathi Ingangena ngaphansi kwezingalo ezihlangane khaxa zesiphambano, futhi yehlele phezu kwethu, namhlanje, Nkosi, njengoba siza silindele aMandla kaNkulunkulu. Sikhuleka lesisibusiso kubantu. Kwangathi kungehluleki, noyedwa, noyedwa, kodwa sengathi bonke bangaphulukiswa. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

198 Manje, Mfowethu Neville, uma uzothola amafutha futhi ume ekugcineni kwendawo lapha manje, sisaqala. Asikhulekele inenekazi elisohlakeni, kuqala, bese-ke sehla kanjalo, khona-ke sibuyela emuva ngqo futhi sidedele abanye beze. Kulungile. INkosi ibusise manje.

Wonke umuntu emkhulekweni manje. Yiba ngokhulekayo manje.

Kulungile, bazalwane, lapha. Masikhulekele ukuphulukiswa kwakhe.

199 Baba wethu waseZulwini, udadewethu olele lapha, uyoba kuloluhlaka lombhede impilo yakhe yonke. Kodwa, siyakholwa, Baba, namhlanje, njengoba eze lapha ukuzokhulekelwa. Futhi thina, abazalwane baKho, abakholwa ukuthi Uzosenzela lokhu, siyakhuleka ngokuzithoba futhi sicela eGameni likaJesu, ukuthi Uzothatha lesi—lesisimo usisuse kuye. Nikezela ikalsiyamu isakhamathambo yalolonyawo, umlenze wakhe, noma yini ephukile. Futhi ngiyakhuleka, philiswa, futhi ukwazi ukuhambahamba, udumise uNkulunkulu. Nezandla phezu kwakhe, sicela lesisibusiso eGameni likaJesu Kristu. Amen.

200 Baba Nkulunkulu, njengoba simi lapha e-altare kulokhu ukusa; futhi lona, udadewethu oyikhaladi. Ngokwazi ukuthi ngolunye usuku, ngenkathi uJesu esathwele isiphambano, phezulu eKalvari, eGolgotha, wawela ngaphansi komthwalo wesiphambano. Futhi kwakukhona indoda eyikhaladi eyeza, futhi yasithwala; yasiqukula, yaMsiza ukuba asiphathe aqhubeke, ehamba emanyathelweni esiphambano anegazi. Nansi enye yamadodakazi ayo ihlezi lapha namhlanje, Nkosi, eshayekile, egulayo, ihlezi kulesisihlalo namhlanje. Futhi ibiyoba yikho konke kwempilo yayo, uma Wena ungabanga nomusa, Nkosi, ngale kukadokotela. Kodwa ayikaze . . . ? . . . Futhi siyakhuleka . . . ? . . . EGameni likaJesu, ukuthi umlenze wakho uphulukiswe. Futhi sengathi ingahamba futhi iphiliswe ngokuphelele, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

201 Manje, wena, uyakuzwa ukwehluka . . . ? . . . noma qha? Woza lapha. Vele uqale. Phakamisa izinyawo zakho, kumbe noma yini ofuna ukuyenza. Khona-ke ufuna ukuba . . . ? . . . yithi, "Ngisukumile futhi ngahamba ngadabula esakhiweni." . . . ? . . .

202 Baba wethu waseZulwini, umfowethu, umngane wami, umlingani wami osekuyisikhathi eside ngimazi, wangishayela ucingo, ngobunye ubusuku, "Ngithola, odokotela bangitshela ukuthi alikho ithemba." Amandla omdlavuza, azothatha impilo yakhe.

203 Nkulunkulu othandekayo, Uyayazi inhliziyo yendoda. Uma kukhona noma yini into ephambene nentando yaKho, namhlanje, noma yini, sengathi manje ingathethelelwa. Kwangathi, kulokhu ukusa, ngalo kanye lelihora, uMfowethu Carl uza kuWe, futhi unikeza ngokuphelele, impilo enikelwe . . . ? . . .

204 Nkulunkulu, uma Wena . . . Odokotela ngeke benza lutho ngalezizinto. Kodwa Wena nguWe kuphela Ongakwazi ukususa leyompilo iphume lapho, wenze lesosimila . . . ? . . .

205 Futhi Wena Ohlala ebungcweleni, Wena Ohlala e. . . Wena uyiNkazimulo yeShekina. Wena ungonamandla onke. Siyakhuleka ukuthi Uzokwenza kulobubusuku, kube ngubufakazi beZwi laKho, kwamandla kaJesu ovusiweyo. Siyawulahla umdlavuza, phezu . . .?. . .

206 Baba Nkulunkulu, manje sicelela udadewethu, sicela ukuthi uzokhululwa e. . .?. . .izinhlupho, nokunye nokunye. Futhi manje, Nkosi, ngikhuleka ngobuqotho, kodwa Wena uzokwenza, uKristu ofanayo. . .?. . .Ngibeka izandla phezu kwakhe, Nkosi! . . .?. . .

207 Nkulunkulu othandekayo, sibeka izandla phezu kwalona, umfowethu, oma phambi kwami nsuku zonke, umkhuleko wakhe wakweqa, umoya wakhe wakweqa, futhi ubheke ngase— ngasekushoneni kwelanga. O Nkulunkulu, wenza kanjalo no-Abrahama, owayeneminyaka eyikhulu ubudala; wakhuluma naye futhi wathi, "Ngingu El-Shaddai." O Nkulunkulu, Wena ungonamandla onke. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokwenza okumangalisayo futhi uphilise lona, umfowethu, eGameni likaJesu. Amen. Amen. Baba . . .?. . .

208 Baba wethu waseZulwini, njengoba abefundisi abagcotshiwe beVangeli, ema namuhla. . .?. . .Njengoba ibandla lahlangena ezinsukwini esezadlula, futhi emva kwePentekoste bahlangana ndawonye futhi bakhuleka. Futhi, Baba, sihlanganyela ndawonye, njengabazalwane abakholwayo, nabo bonke abantu. Futhi sicelile ukuthi abantu bahlangane; bahlanganile. Sicela ukuthi asuke kulensizwa, namuhla. Kwangathi kungephinde kukukhathaze. Yena uyazi . . .?. . .

209 Baba, sibeka izandla phezu kukadadewethu, futhi sicela lokho, eGameni likaJesu, ukuthi Uzolahla lesisifo somzimba wakhe, futhi umsindise ngokuphelele. Lapho ehla edlula lomugqa wamadoda, anikele impilo yakhe kuWe, Nkosi, ekholwa; ebizelwe ngaphandle, ukuphila okwahlukanisiwe, ezintweni zasezweni, nabandayo, amabandla ayiwo ngegama, ukuba angene eVangelini langempela. Sicela eGameni likaJesu, Onikeza ngokwalokho esiMcele khona. Amen.

210 EGameni likaJesu, sibeka leliduku, Nkosi, kuWe, futhi sicela ukukhululwa kwendodakazi yakhe.

211 Baba, sibeka izandla phezu kukadadewethu, njengoba edlula kulomugqa womkhuleko, sicela ukuthi Uzomkhulula kulokhu kugula emzimbeni wakhe. Njengoba simedlulisa lapha, sibeka izandla phezu kwakhe, Nkosi, ngcwelisa kokubili isipho ne. . .?. . .Nkosi. Siphe khona. EGameni likaJesu, sicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

212 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla phezu kukadadewethu, sikucela eGameni likaJesu. Njengoba edlula kulomugqa wamadoda . . .?. . .

213 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla phezu komfowethu omncane, futhi sikucela eGameni likaJesu, ukuthi Uzophulukisa noma yikuphi . . .?. . .

214 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla phezu kukadadewethu, futhi sikucela, eGameni likaJesu, ukuthi Uphulukise umzimba wakhe futhi umenze aphile ngokuphelele. Siphe khona.

215 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla phezu komfowethu, futhi sikucela eGameni likaJesu, ukuthi Uzophulukisa lomzimba. Futhi njengoba edlula phansi ngalomugqa wabefundisi, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi iNkazimulo yeShekina izo . . .?. . .

216 Ngingabeka izandla phezu kowethu othandekayo, umfowethu othandekayo, futhi ngicele, njengoba edlula lapha, ukuthi uzodlula kulawomaFutha okucwengisisiswa, awakhulekelayo.

217 Baba, ngibeka izandla phezu kukadadewethu, futhi ngiyacela, ngeGama likaJesu Kristu, ukuthi Uzomphulukisa futhi umsindise.

218 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla phezu kukadadewethu . . .?. . . njengoba sibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

219 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla phezu komfowethu . . .?. . . izifo, Nkosi.

220 Yibani nokukholwa manje, njengoba bedlula. Bagcotshwe ngamafutha, njengoba iZwi lafundisa.

EGameni likaJesu . . .?. . .

221 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla kudadewethu, Nkosi, njengoba ehla ngalomugqa. Ngo . . .?. . . isifiso senhliziyo yakhe . . .?. . .

222 Baba Nkulunkulu, sibeka izandla kumfowethu, futhi sicela ukuphulukiswa kwakhe.

223 [Amazwi kaMfowethu Branham lapha ezwakala ingxenye kuphela, futhi awenele ukubhala umcabango ozwakalisiwe ophelele. Umugqa womkhuleko uyaqhubeka lapha imizuzu emithathu nemizuzwana eyishumi nanhlanu—Umhl.]

224 Kwenzekile yini naqaphela, okungavamile na? Ngishumayele kulokhu ukusa, ngokuthi "imigwaqo yomgamanxo." Bukani emgamanxweni lapha . . .?. . . loluhlu lwamadoda.

225 [Umugqa womkhuleko uyaqhubeka lapha imizuzu eyisithupha—Umhl.]

226 O Nkulunkulu, Onamandla onke! Siphe khona, Nkosi, ukuthi uMoya namandla azoza phezu kukadadewethu, amenze aphile ngokuphelele. Siyakhuleka, eGameni likaJesu, njengoba

edlula ehlela kulababefundisi, sengathi angaphila ngokuphelele kulobubusuku. Amen.

227 [Umugqa womkhuleko uyaqhubeka lapha imizuzwana engamashumi amane nanhlanu—Umhl.]

228 Baba, eGameni likaJesu, sikhuleke phezu kwaleliduku, ngokufanayo njengoba lathathwa emzimbeni kaPawulu. Futhi ngiyabiza . . . ? . . . Khuleka, Nkulunkulu, ukuthi uzophiliswa, kulokhu ukusa, eGameni likaJesu. Amen.

229 Othandiweyo othandekayo, mngane, eGameni . . . Lindani, nanti inenekazi liza ukuzokhulekelwa. Ya, woza ukuphukele lapha ngqo. Nina bazalwane . . .

230 Baba wethu waseZulwini othandekayo, sibeka izandla phezu kukadadewethu. Futhi sibonga kakhulu ngokuba ngcono kwakhe. Kwangathi ukukholwa kwakhe kungeyeke manje. Futhi . . . ? . . . eGameni likaJesu Kristu . . . ? . . .

231 Manje senzeni na? Lokho iNkosi ekushilo. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

232 Siyajabula ukuba nabavakashile bethu, umzalwane ongumfundisi kanye nathi, bonke laba bangani. Thanini, "Amen," nonke nina eni . . . [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, nemukelekile ngempela ukubuya, bazalwane bami abathandekayo, ukuba nibe nathi. Futhi namuhla, sizovele sicishe sikwenze, uku—ukuphuma ngesikhathi. Siyajabula nibe khona. Futhi, bazalwane bami, ngiyanikhulekela njalonjalo. Futhi ningikhulekele, noma kuphi lapho niyakhona, futhi khulekani manje njengoba ngiphuma ngiya ensimini futhi. Futhi sengathi imigwaqo yethu ingaphambana, isikhathi nesikhathi.

233 Nikhumbule, uMfowethu Oakey, ngingase . . . Kwenzekile ngakhumbula abathandekayo bakhe phandle lapho e—eCalifornia. Ngabe lowo uDkt. Oakey, we . . . [UMfowethu Oakey uthi, "Qhabo."—Umhl.] O, omunye u-Oakey. Yebo, mnumzane. Futh ngi—futhi ngiyazi kukhona o-Oakey abaningi phandle lapho. Angazanga nje ukuthi yimuphi ayexhumene nabo. Ngiyamazi uDkt. Oakey, udokotela wamazinyo, niyazi. Bese kuthi-ke, futhi—futhi ngakho-ke . . . Ngabe unokuhlobana naye, naye na? ["Ungumzala wami."] Umzala wakho. Awu, lokho kuhle kakhulu. Indoda ekahle!

234 Manje, senzeni kini bantu lapha na? Nakhu okuyikho. Besingeke sime lapha futhi sibeke izandla kwabagulayo ngaphandle uma sikukholiwe. Sibabonile abantu ngathi namhlanje, behlezi kulesi izethameli khona lapha; abantu kade benomdlavuza, bephuphuthekile, bekhubazekile. Ake nginikhombise okuthize, uma kukhona izihambi lapha. Bangaki lapha abaphulukisiwe, ngaleyondlela, kaNkulunkulu na? Ake sibone izandla zenu ziphakama. Lokho ngukuthi, impumputhe, imidlavuza, nakho konke, niyabo. Niyabo? Uzokwenzela

okufanayo. Niyabo? Manje, siyakwenza, njengalokhu: siyawukholwa umkhuleko wethu.

235 Futhi manje kweyokuvala, ngaphambi kokuba siphendulele inkonzo kuMfowethu Neville, khumbulani izinkonzo kulobubusuku. Futhi kulobubusuku, uma ekhona lowo—lowo enimaziyo, othandekayo ongangenanga kulokhu ukusa ukuba akhulekelwe, UMfowethu Hall, lapha, ukwaMfowethu Durban. Futhi lokho kuzoba . . . Futhi lithini ikheli, mfowethu na? [UMfowethu Durban uthi, "Angilazi ikheli."—Umhl.] Ini? [Omunye umfowethu uthi, "Seventeenth noMarket."] USeventeenth noMarket, eLouisville, lapho abanomkhankaso wokuphulukisa. Futhi yileso sizathu impela ebenginamhloni ngokuba nenkonzo. Ngi—ngi—ngiyakuzonda ukuya endaweni lapho omunye ebambe u—u—umkhankaso wokuphulukisa, nomunye umuntu aqale owodwa. Futhi yingaleso sizathu ngisho lokho engikwenzile ngokungenzi . . . mayelana nezinkonzo kulokhu ukusa, ukuhlonipha uMfowethu Hall kwaMfowethu Durban, ngoba bobabili bangabangani bami abathandekayo kakhulu.

236 Futhi asiwufuni umkhankaso wokuphulukisa oza ngapha, ngenkathi uMfowethu Hall enomunye oqhubekayo ngaleya. Ngiqinisekile ngalokho. Futhi, ngakho-ke, siyamthanda.

237 Futhi manje, Mfowethu Oakey, ukuphi, mfowethu na? [UMfowethu Oakey uthi, "Forty-thirty West Market."—Umhl.] UForty-thirty West Market. Omunye umfowethu okanye nawe lapho, nindawonye na? Kulungile. Manje lokho kusethirty . . . forty . . . ["Forty-thirty West Market."] Forty-thirty, forty-thirty West Market, eLouisville, omunye umkhankaso. Futhi ngakho-ke uzoba lapho kuze kube nini, Mfowethu Oakey na? ["Ngishumayela lapho iviki lonke."] Lonke leliviki elizayo. Lokho kuhle. Manje, nonke nina enigulayo, thirty . . . forty, West Market. [Ibandla lithi, "Forty-thirty West Market."] Ya. Forty-thirty kuWest Market. Kulungile. Lokho kuhle. Manje kukhona . . .

238 Ngibone abanye abefundisi abathi ababe babili ngaphezulu. Umfowethu lapha, wena unomkhankaso oya ndawondawo, mnumzane na? Qhabo. Qhabo. Ya. Awu, lokho kuhle kakhulu. Lokho kuhle.

239 Futhi lo mfowethu lapha u—uyisithunywa senkolo kumJuda, ngiyakholwa, akanjalo na? Futhi isithunywa senkolo kumaJuda. Ngicabanga ukuthi uhlala eNew Albany. Futhi ngakho-ke sijabule kakhulu ukuba ne . . .

240 Ngabe ngigeje oyedwa na? Ngabe ukhona omunye ndawondawo na? Nge—ngethemba ukuthi angizange; bengingaqondile. Kusobala, uMfowethu Junior Jackson, niyazi yena ukuthi ukuphi eNew Albany.

241 UMfowethu Tom Merrideth unokusakaza. Unalo ibandla, Mfowethu Merrideth na? Alikho ibandla. Ukusakaza nje. Ukumemezele, emizuzwini embalwa edlule.

242 Futhi uMfowethu Neville unenkonzo lapha yenu bantu lapha, ngalapha, kulobubusuku, nangaloluLwesithathu oluzayo, futhi iviki lonke. Futhi izinkonzo zakhe—zakhe, ukusakaza kwakhe, kungoMgqibelo ekuseni. Kulungile.

243 Wonke umuntu uzizwa ekahle na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, bangane. Kukwenza ufune ukujoyina lesi esihle, isigejane esijabule sabashumayeli, nokuhamba ushumayele iVangeli, futhi ukhulekele abagulayo, nawe. UNkulunkulu aniphe khona, bangani.

244 Insizwa lapho eyaphonswa ngaphandle ekusakazekeni maduzane nje, yayinophisi wensimbi oyi-engela, wangena wathi ngqu ohlangothini lwakhe, wedlula ngokushesha kuyo, futhi wadlulela kolunye uhlangothi, kanjalo. Othandekayo, umama okhulekayo! UNkulunkulu wamsindisela inhloso ethile. Kusukela engitshelile, ngacabanga . . . Namuhla ekuseni, ngihlangane naye lapho ngingena ehholo. Ungixhawulile. Ngithe, "Awuyena umfana na?"

245 Uthe, "Yebo, mnumzane." Ngathi, "Ubizelwe enkonzweni." UNkulunkulu abe nomusa! Manje, bazalwane bami abathandekayo . . . Insizwa nje, ihlezi lapho igqoke ijazi elinsundu. Kwangathi uNkulunkulu angamupha ukuthi uzoba ngukukhanya okuvutha amalangabi, sisesemgamanxweni womgwaqo, ndodana. Futhi, shumayela iVangeli, shumayela iVangeli eligcwele, shumayela lonke iZwi likaNkulunkulu, futhi ungaxegisi ngalutho. Yima khona lapho endaweni yokugada. UNkulunkulu uzokwenza iqhawe elikhulu ngawe.

Manje, asikhuleke lomkhuleko owodwa wokugcina manje wabagulayo.

246 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga ngalensizwa, kulokhu ukusa, futhi, Nkosi. Futhi njengoba ihlezi lapho kulokhu ukusa, ilalele iZwi, futhi ibona lababefundisi nezinhliziyo zabo zivutha amalangabi, lapho bebeka izandla kwabagulayo, lapho bedlula kulomugqa. Bebona ubufakazi lapho, babantu bephakamisa izandla zabo, abaphiliswe emdlavuzeni, nobumpumputhe, nezithulu nezimungulu, nabakhubazekile. Khona—khona kuyinselelo. Futhi sibuka phansi leliZwi elidala elibusisiwe, futhi Lathi lezizinsuku ziyoba lapha, futhi lapha simile. Sibona uNkulunkulu onamandla onke nengalo yaKhe yeluliwe, nezibonakaliso nezimanga ezizayo. Sizwa umsindo wenala yemvula emoyeni. Siyazi ukuthi sisosukwini olukhulu lwemvula yokugcina.

247 Lapho, uSathane eyoboshwa futhi aphonswe emgodini, eboshwe ngamaketango esimo, ukuthi angeke esaphinda aphume futhi akhohlise izizwe nhlobo. Futhi iminyaka

eyinkulungwane, ukubusa kwesikhathi esiyiminyaka eyiNkulungwane, kuzokwenzeka emhlabeni ngenkathi sisakhazimulisa iNkosi yethu uJesu, nokuMhlobisa; ukuMethwesa umqhele, "iNkosi yenkosi, noMbusi wababusi."

248 Lomhlaba omdala onesono uzoqhuma usakazeke, ngolunye lwalezizinsuku, lapho amandla e-atomu ededeliwe, namahayidrojini ayokwenza. Futhi lonke ulwandle, namanzi, kuyokwenza . . . Ulwandle luyokhala izinyembezi luze lome. O Nkulunkulu! Nelanga liyohluleka ukukhanya. Futhi inyanga angeke inikeze ukukhanya kwayo. Futhi izinkanyezi zezulu ziyakuwa njengesihlahla somkhiwane okungakabi yisikhathi saso esinyakaziswa ngumoya onamandla. Futhi abantu bayokhalela amadwala nezintaba. Futhi lempilo encane iyoba yini ngaleyonkathi na?

249 Khona-ke abafile kuKristu bayakuvuka. O, iparadesi elinjena pho! Izizwe azisayikusaphakamisa inkemba kwesinye isizwe, nhlobo. Kanjalo angeke sisaphinde sibe nomugqa womkhuleko wabagulayo.

250 Namuhla usuku lwensindiso. Futhi, Baba, siletha lababantu kuWe. Futhi siKucelile, eGameni likaJesu, Owasho lokhu, "Celani noma yini kuBaba eGameni laMi, kuyokwenziwa." Manje, thina, akuwona umkhuleko wethu esinokukholwa kuwo. Kuyisiyalezo saKhe, esinokukholwa kuso. "Celani kuBaba noma yini eGameni laMi, Ngizolwenza."

251 Manje, Sathane, wena obukade umubi kakhulu, futhi ubophe lababantu, futhi wabeka ukufa phezu kwabaningi babo, futhi wabakhubaza, futhi wabaphuphuthekisa, futhi wenza zonke izinhlobo zobubi kubo, wena unqontshiwe. Unqotshiwe, ngoba senze nje lokho uJesu athi asikwenze. Ngakho-ke, ukukholwa kwethu kuyabheka manje futhi kuthi kuwe, "Yeka abantu. Phuma kubo, eGameni likaJesu! . . . ? . . . Futhi sengathi wonke ngamunye angaphila, ngeGama likaJesu Kristu.

Mayibongwe iNkosi! Manje kholwani.

Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphulukisa manje.

NgiMthatha eZwini laKhe;
NgiMthatha eZwini laKhe;
Ungilethela ukukhululwa ngesihle,
NgiMthatha eZwini laKhe.

Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
Ukuthi uJesu uyangiphulukisa manje.

252 Anikukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngenhliziyo yami yonke! Mfowethu Saul, uyakukholwa na? [Omunye uthi, "Amen."] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokwenza, Mfowethu Tony na? [Omunye uthi, "Amen."] Amen. Dadewethu Snyder, uyakukholwa na? [Omunye uthi, "Amen."] Dadewethu, *wena* uyakukholwa na? *Wena* uyakukholwa, dadewethu na?

253 "Ukukholwa kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, ubufakazi bezinto ezingabonwayo." Ngokukholwa sibone izindonga ezinkulu zaseJeriko ziwa! UKristu ukuhola ngokukholwa. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. Siyakukholwa. Ungalokothi ube nethunzi lokungabaza, nanini. UNkulunkulu uzoliqeda. Umninimandla onke! Kuqiniseke kakhulu! Ngifanele ngikulandele nje. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Amen. AKamangalisi yini na? [Ibandla lithi, "Amen."]

254 Manje, singakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje senzele umkhuleko wokuphuma. Sizocela . . . Hambani nizungeza ndawonye, isikhathi esincane senhlanganyelo. Sizocela uma uMfowethu Neville, uma ezokhuphukela lapha manje, njengoba sonke sikhothamisa amakhanda ethu ngezwi lomkhuleko. Njengoba sihamisha kuqala, namakhanda ethu ekhotheme:

Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
Ngi'yakwazi, ng'zokwenza, . . .

255 Khumbulani nje, Useceleni kwakho impela. Yena ulapho ukwenza okwangempela. Vele uzwe aMandla aKhe engena kuwe manje. "Ng'yakwazi na?" Impela, ungakwazi.

NgizoMthatha eZwini laKhe;
NgizoMthatha eZwini laKhe;
Uletha kimi, ukukhululwa ngesihle, (eKalvari)
Futhi ng'zoMthatha eZwini laKhe.

256 Njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje. Mfowethu Neville, nalokho ofuna ukukusho.

